8 UThixo wathi kimi, “Thatha isibhebhedu selitshe esikhulu ulobe kuso ngolimi olujwayelekileyo ukuthi: Maheri-Shalali-Hashi-Bhazi (okutsho ukuthi: abaphanga ukuhuququza okuphangweyo). **2** Ngizabiza u-Uriya umphristi loZakhariya indodana kaJebherekhiya njengabofakazi bami abathembekileyo.” **3** Ngemva kwalokho ngaya kumphrofethikazi, wathatha isisu, wazala indodana. UThixo wasesithi kimi, “Mbize ngokuthi nguMaheri-Shalali-Hashi-Bhazi. **4** Kuzakuthi umfana engakakwazi ukuthi ‘Ubaba’ loba ‘Umama,’ inotho yaseDamaseko lempahla ethunjwe eSamariya kuzathathwa yinkosi yase-Asiriya.” **5** UThixo wakhuluma kimi futhi wathi: **6** “Ngenxa yokuthi abantu laba sebwalile amanzi ageleza kuhle aseShilowa bethokozela uRezini lendodana kaRemaliya, **7** ngakho-ke iNkosi isiseduze ukubalethela izikhukhula zamanzi ezilamandla, eziyinkosi yase-Asiriya lobukhosi bayo bonke, zivela eYufathe. Azachithekelana ngaphandle kwayo yonke imigelo yawo, ageleze phezu kwamakhumbi ayo wonke, **8** afohlele koJuda, agcwele kulo, adlule phakathi kwalo efika entanyeni. Impiko zawo ezelulweyo zizakwembesa ububanzi belizwe lakho, Awu, Emanuweli!” **9** Hlabani umkhosi wempi lina zizwe, lichithwe! Lalelani lonke lina mazwe akude. Lungiselani impi, lichithwe! Lungiselani impi lichithwe! **10** Lungisani icebo lenu, kodwa kalisoze liphumelele: bumbani isu lenu, kodwa kaliyikuma, ngoba uNkulunkulu ulathi. **11** UThixo wakhuluma kimi isandla sakhe esilamandla siphezu kwami, engixwayisa ukuba ngingalandeli indlela yalababantu. Wathi: **12** “Ungabokuthi kungamacebo amabi konke abantu laba abathi kungamacebo amabi; ungakwesabi abakwesabayo njalo ungakuququhi. **13** UThixo uSomandla nguye okumele limazi engongcwele, nguye okumele limesabe, nguye okumele limququhe. **14** Uzakuba yisiphophelo; kodwa kuzo zombili izindlu buza-Israyeli uzakuba yilitshe elikhubekisa abantu ledwala elibenza bawe. Ebantwini baseJerusalem uzakuba yisifu lomjibila. **15** Inengi labo lizakhubeka; bazakuwa bephuke, bazathiywa bathunjwe.” **16** Bopha ubufakazi besixwayiso, uqinise umthetho phakathi kwabafundi bakaNkulunkulu. **17** Ngizamlindela uThixo, ofihlela indlu kaJakhobe ubuso bakhe. Ngizabeka ithemba lami kuye. **18** Mina ngilapha, kanye labantwana uThixo angiphe bona. Siyizibonakaliso lempawu ku-Israyeli ezivela kuThixo uSomandla, ohlala entabeni iZiyoni. **19** Nxa abantu bekutshela ukuthi buza abalamadlozi labalemimoya yobuthakathi, labanyeneyezayo bengunguza, kambe abantu akumelanga babuzisise uNkulunkulu wabo

na? Kungani abaphilayo libabuzela kwabafayo na? 20 Emthethweni lakubo ubufakazi! Nxa bengakhulumi ngokumayelana lelizwi leli, kabalakho ukukhanya kokusa. 21 Bazazula lelizwe behlulukelwe, belambile. Lapho sebephalwe yindlala, bazathukuthela, bathuke inkosi yabo loNkulunkulu wabo bekhangela phezulu. 22 Emva kwalokho bazakhangele emhlabeni babone usizi kuphela, lomnyama owesabekayo, njalo bazaphoselwa emnyameni opheleleyo.

9 Kodwa-ke akusayikuba khona ukudangala kulabo ababesosizini. Ensukwini ezedlulayo walithobisa ilizwe likaZebhuluni lelizwe likaNafithali. Kodwa ensukwini ezizayo uzayipha udumo iGalile yabezizweni, eNdleleni eya oLwandle elandela iJodani: 2 Abantu abahamba emnyameni sebone ukukhanya okukhulu; kulabo abahlala elizweni lethunzi lokufa ukukhanya sekukhanyisile. 3 Usikhulisile isizwe wandisa intokozo yabo, bayathokoza phambi kwakho njengabantu bethokoza ekuvuneni, njengempi ithokoza isaba impango. 4 Ngoba njengamhla wokwehlulwa kukaMidiyani usulephule ijogwe elibasindayo, umgoqo onqume emahlombe abo, intonga yomncindezeli wabo. 5 Lonke inyathela lebuthe elisetshenziswe empini, kanye lazozonke izigqoko ezigiqwe egazini kuzakuya ekutshisweni; kuzakuba ngokokubasisa umlilo. 6 Ngoba sizalelwe umntwana, sphiwe indodana, umbuso uzakuba phezulu kwamahlombe akhe. Uzabizwa ngokuthi uMeluleki Omangalisayo, uNkulunkulu uSomandla, uBaba Waphakade, iNkosana yokuThula. 7 Ukwanda kombuso wakhe lokuthula akuyikuba lomkhawulo. Uzabusa esihlalweni sobukhosi sikaDavida laphezu kombuso wakhe, ewumisa njalo ewuqinisa ngokufaneleyo langokulunga, kusukela ngalesikhathi kuze kube nini lanini. Ukutshiseka kukaThixo uSomandla kuzakufeza lokhu. 8 Inkosi isithumele ilizwi lesixwayiso kujakhobe lizakwehlela phezulu kuka-Israyeli. 9 Abantu bonke bazakwazi u-Efrayimi labakhele eSamariya, abathi ngokuzigqaja langokuzikhukhumeza kwenhliziyo, 10 “Izitina sezidilikele phansi, kodwa sizakwakha njalo ngamatshe abaziweyo; imikhiwa isiganyulelwe phansi, kodwa sizafaka imisedari endaweni yayo.” 11 Kodwa uThixo usebaqinisele izitha zikaRezini, njalo usetshotshozele izitha zabo. 12 Ama-Aramu avela empumalanga lamaFilistiya avela entshonalanga asedle u-Israyeli ngomlomo ovulekileyo. Kodwa kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwakhe akupheli, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe. 13 Kodwa abantu abakabuyeli kuye owabatshayayo. Loba badinge uThixo uSomandla. 14 Ngakho uThixo uzaquma ko-Israyeli ikhanda lomsila, ugatsha lwelala lomhlana ngasuku lunye; 15 abadala lezikhulu balikhanda, abaphrofethi abafundisa amanga bangumsila. 16 Labo abakhokhela abantu laba bayabalalelekisa, labo abakhokhelwayo bayedukiswa. 17 Ngakho iNkosi kayiyikuthokoza ngezinsizwa zabo, izintandane labafelokazi kayiyikuba lozwelo kubo, ngoba bonke bayameyisa uNkulunkulu, njalo babi; imilomo yonke ikhuluma amanyala. Kodwa kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwayo akupheli, isandla

sayo silokhu siphakanyisiwe. 18 Ngeqiniso ububi butshisa njengomlilo, budla ukhula lameva, buthungela izixuku zehlathi zivuthe amalangabi izikhatha zentuthu ziqonga zisiya phezulu. 19 Ngolaka lukaThixo uSomandla ilizwe lizatshiswa, abantu bazakuba zinkuni zomlilo, kakho ozaphephisa umfowabo. 20 Bazaqeda kwesokudla kodwa babe belokhu belambile; bazakudla kwesokhohlo, kodwa bangasuthi. Omunye lomunye uzakudla abantwabakhe: 21 UManase uzakudla u-Efrayimi, u-Efrayimi adle uManase; bobabili bazamelana loJuda. Kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwakhe akupheli, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe.

10 Maye kulabo abenza imithetho emibi, lakulabo ababhala izimiso ezincindezelayo, 2 ukuba kwamukwe abayanga amalungelo abo lokugodla okufaneleyo kwabantu bami abancindezelweyo; bazingela abafelokazi baqhwaqwe izintandane. 3 Lizakwenzani ngosuku lokuthonisiswa lapho incithakalo isiza ivela khatshana? Lizabalekela kubani ukuba lithole usizo na? Lizayitshiya ngaphi inotho yenu? 4 Akukho okuzasala, kodwa ukuba baquthe phakathi kwabathunjweyo loba bafe lababuleweyo. Ikanti kukho konke lokhu, ukuthukuthela kwakhe akupheli, isandla sakhe silokhu siphakanyisiwe. 5 “Maye kum’Asiriya, intonga yentukuthelo yami, esandleni sayo kulesagila solaka lwami! 6 Ngimthumela ukuyamelana lesizwe esingelankulunkulu, ngimthumela ukuyamelana labantu abangithukuthelisayo, ukuba athumbe ahluthume impahla yokuthunjwa, lokubanyathelela phansi njengodaka ezindleleni. 7 Kodwa lokhu akusikho akujongileyo, lokhu akusikho okusengqondweni yakhe; injongo yakhe yikutshabalalisa, abhubhise izizwe ezinengi. 8 Uthi, ‘Izinduna zami zebutho kazisimakhosi zonke na? 9 IKhalino kaliphumelelanga njengeKharikhemishi na? IHamathi kalinjenge-Ariphadi na? LeSamariya kayinjengeDamaseko na? 10 Lanjengoba isandla sami sabamba imibuso yezithombe, imibuso ezifanekiso zayo zedlula ezeJerusalema lezeSamariya, 11 angiyikuliphatha iJerusalema lezithombe zalo ngendlela engaphatha ngayo iSamariya lezithombe zayo na?’” 12 Lapho uThixo esewuqedile wonke umsebenzi wakhe mayelana lentaba iZiyoni leJerusalema uzakuthi, “Ngizayijezisa inkosi yase-Asiriya ngenxa yokuzigqaja kwayo lokuzazisa okubonakala emehlweni ayo.” 13 Ngoba uthi: “Ngamandla esandla sami langokuhlakanipha kwami sengenze lokhu ngoba ngilokuqedisisa. Ngayisusa imingcele yezizwe, ngathumba inotho yazo; njengolamandla nganqoba amakhosi azo. 14 Njengomuntu efinyelela isidleke senyoni, ngokunjalo isandla sami safinyelela enothweni yezizwe, njengabantu bebutha amaqanda atshiyiweyo, kanjalo ngaqoqa amazwe wonke; akukho okwaphaphazelisa amaphiko loba okwavula umlomo wakho kwatshiyoza.” 15 Konje ihloka liyaziphakamisela ngaphezu kwalowo olizulizayo na, loba isaha izincome imelane lawolo oyisebenzisayo na? Njengangathi induku izanyikinya

lowo oyiphakamisayo, kumbe isagila sinyikinye lowo ongasiso sigodo! **16** Ngakho-ke, iNkosi, uThixo uSomandla, uzathumela isifo esicikizayo emabuthweni ayo aqinileyo; ngaphansi kobukhosi bayo kuzaphembeka umlilo njengelangabi elibhebhayo. **17** Ukukhanya kuka-Israyeli kuzakuba ngumlilo, oNgcwele wabo abe lilangabi, ngosuku olulodwa lizatshisa liqede ameva akhe lokhula lwakhe. **18** Ubuhle bamahlathi akhe lamasimu akhe avundileyo, uzakuqeda ngokupheleleyo njengalapho umuntu ogulayo ecikizeka. **19** Izihlahla zamahlathi ezisalayo zizakuba zilutshwana, okungathi lomntwana azibale. **20** Ngalolosuku insalela yako-Israyeli, abendlu kaJakhobe abasindayo, kabasayikwethemba kuye owabathayayo wababhuhisa kodwa ngeqiniso bazathembela kuThixo, oNgcwele ka-Israyeli. **21** Insalela izabuyela, insalela kaJakhobe izabuyela kuSomandla uNkulunkulu. **22** Loba abantu bakho, we Israyeli, benjengetshebetshebe olwandle, kuzabuya insalela kuphela. Incithakalo isimenzeyelwe, iyabakhulela kodwa ilungile. **23** INkosi, uThixo uSomandla, uzasifeza isimemezele sokubhujiswa elizweni lonke. **24** Ngakho-ke lokho yikho iNkosi, uThixo uSomandla akutshoyo: “Awu bantu bami abahlala eZiyoni, lingawesabi ama-Asiriya alitshaya ngentonga njalo lawo aliphakamisela isagila njengokwenziwa yiGibhithe. **25** Masinyane ukulithukuthelela kwami kuzaphela, ulaka lwami luzaqondiswa ekubhujisweni kwabo.” **26** UThixo uSomandla uzabatshaya ngomchilo njengalapho atshaya iMidiyani edwaleni lase-Orebi, njalo uzaphakamisela intonga yakhe ngaphezu kwamanzi njengalokhu akwenza eGibhithe. **27** Ngalolosuku imithwalo yabo izasuswa emahlombe enu, lejogwe labo entanyeni zenu; ijogwe lizakwephulwa ngoba selizimukile. **28** Bayangena e-Ayathi; badabula phakathi kweMigironi; bagcina impahla eMikhimashi. **29** Badlula emkhandlwini bathi, “Ebusuku sizalala eGebha.” IRama liyathuthumela; iGibhiya likaSawuli iyabaleka. **30** Hlaba umkhosi, We! Ndodakazi kaGalimi, lalela we Layisha! Anathothi ozihawulelayo! **31** IMadimena iyabaleka; abantu baseGebhimu bazacatsha. **32** Ngalolosuku bazakuma kancane, kancane eNobhi, bazakhomba ngezinqindi zabo intaba yeNdodakazi yeZiyoni, eqaqeni lwaseJerusalema. **33** Khangelani, iNkosi, uThixo uSomandla, uzaquma ingatsha ngamandla amakhulu. Izihlahla ezidephileyo zizaqunywa. Ezinde zazo zizakwehliselwa phansi. **34** Ngehloka uzagamula izixuku zehlathi; iLebhanoni izakuwa phambi kwakhe olaMandla.

11 Ihlumela lizavela esidindini sikajese; uGatsha oluhlume empandeni zakhe luzathela izithelo. **2** UMoya kaThixo uzakuba phezu kwakhe, uMoya wokuhlakanipha lowokuqedisisa, uMoya wokweluleka lowamandla, uMoya wokwazi lowokwesaba uThixo, **3** njalo uzathokoziswa yikwesaba uThixo. Kayikwahlulela ngalokho akubona ngamehlo akhe, loba aqume ngalokho akuzwa ngendlebe zakhe; **4** kodwa abaswelayo uzabehlulela ngokulunga athathe izinqumo ngabayanga basemhlabeni ngokulunga. Uzatsheya

umhlaba ngentonga yomlomo wakhe; ngomoya wendebe zakhe uzabulala ababi. **5** Ukulunga kuzakuba libhanti lakhe, ukwethembeka kube luzwezwe ekhalweni lwakhe. **6** Impisi izahlala lezinyane lemvu, ingwe izalala phansi lembuzi, ithole kanye lesilwane kudle ndawonye; umntwana omncane akukhokhele. **7** Inkomokazi izakudla lebhele, amankonyane akho alale ndawonye; njalo isilwane sizakudla utshani njengenkabi. **8** Usane luzadlalela phansi komlindi webululu, umntwana omncane angenise isandla sakhe emlonyeni womlindi wenhlangwana. **9** Abayikulimaza loba badilize kuyo yonke intaba yami engcwele, ngoba umhlaba uzagcwala ngolwazi lukaThixo njengamanzi egcwalisa ulwandle. **10** Ngalolosuku iMpande kajese izakuma njengophawu ebantwini; izizwe zizabuthana kuye, indawo yakhe yokuphumula izakuba lodumo. **11** Ngalolosuku uThixo uzakwelula isandla sakhe okwesibili ukuba abuyise insalela zabantu bakhe abasala e-Asiriya, eGibhithe, ePhathrosi, eTiyopiya, eKhushi, e-Elamu, eShinari, eHamathi lasezihlengeni zolwandle. **12** Uzaphakamisela izizwe uphawu aqoqe abaxotshwayo ko-Israyeli. Uzahlanganisa abantu bakoJuda abahlakazekileyo bevela emagumbini amane omhlaba. **13** Ubukhwele buka-Efrayimi buzaphela, izitha zikaJuda zizaqunywa; u-Efrayimi akayikukhwelezelela uJuda, kumbe uJuda abe lobutha ku-Efrayimi. **14** Bazahwitha phansi emithezukweni yaseFilistiya ngasentshonalanga; bebonke bazaphanga abantu basempumalanga. Bazanqoba i-Edomi leMowabi lama-Amoni azakuba ngaphansi kwabo. **15** UThixo uzacitsha umsele wolwandle lwaseGibhithe, ngomoya otshisayo uzadlulisa isandla sakhe phezu komfula uYufrathe. Uzawahlukanisa ube yizifula eziyisikhombisa ukuze abantu bawuchaphe befake amanyathelo. **16** Kuzakuba lomgwaqo omkhulu wezinsalela zabantu bakhe abasele e-Asiriya, njengoba kwakunjalo ko-Israyeli ekubuyeni kwabo bevela eGibhithe.

12 Ngalolosuku wena uzakuthi: “Ngizakubonga Oh Thixo. Lanxa wawungithukuthelele ulaka lwakho seluphelele, njalo usungiduduzile. **2** Ngeqiniso uNkulunkulu uyinsindiso yami; ngizathemba ngingesabi. UThixo, uThixo ngokwakhe ungamandla lengoma yami; usebe yinsindiso yami.” **3** Ngentokoza uzakukha amanzi emithonjeni yensindiso. **4** Ngalolosuku uzakuthi: “Mbongeni uThixo, bizani ibizo lakhe, zaziseni izizwe ngalokhu akwenzileyo, limemezele ukuthi ibizo lakhe liphakeme. **5** Hlabelelani kuThixo, ngoba wenze izinto ezinhle kakhulu; lokhu kwenzeni kwazakale emhlabeni wonke. **6** Memezani kakhulu lihlabele ngokuthokoza, bantu baseZiyoni, ngoba mkhulu oNgcwele ka-Israyeli phakathi kwenu.”

13 Leli yilizwi elimayelana leBhabhiloni elaboniswa u-Isaya indodana ka-Amozi: **2** Phakamisa uphawu phezu koqaqa oluligceke, umemezele kubo, ubaqhwebe ngesandla ukuba bangene emasangweni asesikhosini. **3** Sengibalayile abangcwele bami, sengiwalayile amaqhawe ami ukuba afeze ulaka

lwami, lawo athokozela ukunqoba kwami. 4 Lalelani, umsindo phezu kwezintaba, onjengowexuku elikhulu. Lalelani, ukuxokozela phakathi kwemibuso njengeziwe zibuthana ndawonye! UThixo uSomandla ubutha ibutho elibuthela impi. 5 Bavela emazweni akude, emikhawulweni yamazulu, uThixo lezikhali zolaka lwakhe, ukuba kuchithwe ilizwe lonke. 6 Lilani ngoba usuku lukaThixo seluseduze. Luzafika njengokuchithakala okuvela kuSomandla. 7 Ngenxa yalokhu izandla zonke zizakuba buthakathaka, inhliziyi zabantu bonke zizaphela amandla. 8 Bazakuba lokwesaba okukhulu, baphathwe yibuhlungu losizi; bazabhinjika njengowesifazane ehelelwa. Bazakhangalana bemangele, ubuso babo bungamalangabi. 9 Khangelani usuku lukaThixo luyeza, usuku lwesihluku, ulaka lokuthukuthela okukhulu, ukwenza ilizwe lichitheke, kubhujiswe izoni eziphakathi kwalo. 10 Izinkanyezi zezulu lemithala yazo akuyikukhanyisa. Ilanga eliphumayo lizafiphazwa lenyanga ayiyikukhanyisa. 11 Umhlaba ngizawujisa ngenxa yobubi bawo, lababi ngenxa yezono zabo. Ngizaqeda ukukloloda kwabazikhukhumezayo, ngehlise ukuzigqaja kwabalesihluku. 12 Ngizakwenza abantu basweleke okudlula igolide elicengekileyo, basweleke okudlula igolide lase-Ofiri. 13 Ngakho-ke ngizakwenza amazulu anyikinyeke; lomhlaba uzamazame endaweni yawo ngokuthukuthela kukaThixo uSomandla, ngosuku lolaka lwakhe oluvuthayo. 14 Njengempala ezingelwayo, lanjengezimvu ezingamelusi, omunye lomunye uzabuyela ebantwini bakibo, omunye lomunye uzabalekela elizweni lakibo. 15 Lowo ozathunjwa uzagwazwa; bonke abazabanjwa bazabulawa ngenkempa. 16 Izingane zabo zizamahlazelwa phambi kwamehlo abo; izindlu zabo zizakhuthuzwa, omkabo babanjwe ngodlakela. 17 Khangelani, ngizabavusela amaMede angelandaba lesiliva, njalo engalijabuleli legolide. 18 Imitshoko yawo izabulala izinsizwa; kawayikuba lozwelo ezinganeni loba abe lesihawu ebantwaneni. 19 IBhabhiloni, igugu lemibuso, ubukhazikhazi bokuziqhenya kwamaKhaladiya, lizachithwa nguNkulunkulu njengeSodoma leGomora. 20 Akuyikuhlalwa kulo futhi loba kwakhiwe kulo kuzozonke izizukulwane; akulama-Arabhu azamisa amathente awo khona, loba umelusi ozaphumuza imihlambi yakhe khona. 21 Kodwa izinyamazana zeganga zizahlala khona, amakhanka azahlala ezindlini zakhona lezikhova zizahlala khona, lamagogo aqolotshe khona. 22 Impisi zizakhala ezingqeni zakhona, amakhanka ezindlini ezinhle zobukhosi. Isikhathi salo sesizafika njalo insuku zalo kaziyikwandiswa.

14 UThixo uzakuba lesihawu kuJakhobe; uzamketha njalo u-Israyeli, abahlalise elizweni labo. Abezizwe bazahlangana labo bamanyane lendlu kaJakhobe. 2 Izizwe zizabathatha zibase endaweni yabo. Indlu ka-Israyeli izathumba izizwe zibe yizisebenzi zesilisa lezesifazane elizweni likaThixo. Bazakwenza abathumbi babo babe yizigqili, babuse abancindezeli babo. 3 Ngosuku uThixo azaliphumuza ngalo ekuhluphekeni, ekutshikatshikeni, lasebugqilini

obulesihluku, 4 lizakutsho la amazwi okukloloda enkosini yaseBhabhiloni lithi: Umncindezeli usefikile ekucineni, ukuthukuthela kwakhe sekuphelele! 5 UThixo useyephule intonga yababi, induku yobukhosi eyababusi, 6 abatshaya abantu ngokuthukuthela, langokugalela okungapheliyo, banqoba izizwe ngentukuthelo langokuncindezela okungapheliyo. 7 Amazwe wonke alokuphumula lokuthula; aphahluka ahlabelele izingoma. 8 Lezilahla zamaphayini lemisedari yaseLebhanoni ziyathokoza ngawe zithi, “Njengoba khathesi usuwiselwe phansi akula ozakuzasigamula.” 9 Ithuna ngaphansi liyanyakaza ukuba likuhlangabeze ekufikeni kwakho. Livusa imimoya yabafayo ukuba ikubingelele, bonke labo ababengababusi emhlabeni; libenza basukume ezihlalweni zabo zobukhosi, bonke labo ababengamakhosi ezizwe. (Sheol h7585) 10 Bazaphendula bonke, bazakuthi kuwe, “Lawe usubuthakathaka njengathi, usube njengathi.” 11 Bonke ubukhosi bakho sebheliselwe phansi ethuneni, kanye lomindo wamachacho akho. Impethu zendlaliwe ngaphansi kwakho, inhlabane zikwembesile. (Sheol h7585) 12 Yeka ukuwa kwakho uvela ezulwini, wena nkanyezi yekuseni, ndodana yokusa! Uphoselwe phansi emhlabeni, wena owake wehlisela izizwe phansi! 13 Wathi enhliziyweni yakho, “Ngizakwenyukela ezulwini, ngizaphakamisela isihlalo sami sobukhosi ngaphezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu; ngizahlala ebukhosini phezu kwentaba yombuthano, ezingqongweni zentaba engcwele. 14 Ngizakwenyukela phezu kwezindawo eziphakemeyo emayezini; ngizazenza ngibe njengoPhezukonke.” 15 Kodwa ulethwe phansi ethuneni, ekuzikeni kwegodi. (Sheol h7585) 16 Labo abakubonayo bakudonsela amehlo, bayacabanga ngowakudalelwayo bathi: “Nguye lo na umuntu owanyikinya umhlaba wenza imibuso yaqhaghaqhazela, 17 umuntu owenza umhlaba waba lugwadule, owadiliza amadolobho awo, kazavumela abathunjwayo bakhe ukubuyela ekhaya na?” 18 Wonke amakhosi ezizwe alele ebukhosini, enye lenye ethuneni layo. 19 Kodwa wena uphoselwe ngaphandle kwethuna lakho njengogatsha olulahlileyo; weleke ngababulawayo, lalabo abagwazwa ngenkempa, labo abehlala ematsheni egodi. Njengesidumbu esinyathelwe ngezinyawo, 20 kawuyikuhlangana labo ekungcwatshweni; ngoba usulichithile ilizwe lakho wabulala labantu bakini. Inzalo yababi kakungakhulunywa ngayo futhi. 21 Lungisa indawo yokubulalela abantwabakhe ngenxa yezono zabokhokho babo. Kabamelanga bavuke ukuba bathathe ilizwe bagcwalise umhlaba ngamadolobho abo. 22 “Ngizabavukela,” kutsho uThixo uSomandla. “Ngizakwesula iBhabhiloni labasindayo abantwabakhe lezizukulwane,” kutsho uThixo. 23 “Ngizalenza libe yindawo yezikhova lelizwe elilixhaphozi. Ngizalithanyela ngomthanyelo wencithakalo,” kutsho uThixo uSomandla. 24 UThixo uSomandla ufungile wathi, “Ngeqiniso, njengoba sengilungisile, kukubona njalo, njalo njengoba ngikumisile kukuma kanjalo. 25 Ngizamchoza um’Asiriya elizweni lami; ezintabeni

zami ngizamnyathelela phansi. Ijogwe lakhe lizasuswa ebantwini bami, umthwalo wakhe ususwe emahlombe abo.” **26** Lokhu yikho okumiselwe umhlaba wonke, lesi yisandla eselulelwe phezu kwezizwe zonke. **27** Ngoba uThixo uSomandla usenze isimiso, ngubani ongamvimbela na? Isandla sakhe siphakanyisiwe, ngubani ongasibuyisela emuva na? **28** Ilizwi leli lafika nyakana kusifa inkosi u-Ahazi: **29** Lingathokozi, lonke lina maFilistiya, lisithi intonga eyalitshayayo yephukile; ngoba empandeni yenyoka leyana kuzavela inhlangwana, inzalo yayo izakuba yinyoka elobuthi obutshokayo. **30** Abangabayanga kubayanga bazathola amadlelo, abaswelayo bazalala phansi bevikelekile. Kodwa impande yakho ngizayitshabalalisa ngendala; izabalala abaseleyo bakho. **31** Lila wena sangol Bubula wena dolobho! Chithekani lonke lina maFilistiya! Iyezi lentuthu livela enyakatho; njalo akulamatshida eviyweni lalo. **32** Yimpendulo bani ezanikwa izithunywa zalesosizwe na? “UTHixo useyakhile iziyoni, abantu bakhe abahluphekileyo bazaphephela kuye.”

15 Isiqalekiso esimayelana leMowabi: I-Ari eMowabi itshabalalisiwe, idilizwe ngobusuku obubodwa. IKhiri eMowabi itshabalalisiwe; idilizwe ngobusuku obubodwa. **2** IDibhoni iya phezulu ethempelini layo; ezindaweni zayo eziphakemeyo ukuyalila; iMowabi ililela iNebho leMedebha. Amakhanda wonke aphuciwe; indevu zonke zigeliwe. **3** Ezindleni bagqoka amasaka, phezu kwezimpahla zezindlu lasezindaweni zabantu bonke, bayalila bonke, baphele amandla ngokulila. **4** IHeshibhoni le-Eliyale kuyakhala, amazwi akho azwakala laseJahazi. Ngakho-ke amabutho aseMowabi ayakhala, inhlizyo zawo zidangele. **5** Inhlizyo yami ikhalela iMowabi, ababalekayo bayo babaleka baze bayefika kude eZowari; kude njengase-Egilathi Shelishiya. Bahamba ngendlela eya eLuhithi, bakhala ohanjweni lwabo; endleleni eya eHoronayimi balilela ukubhujiswa kwabo. **6** Amanzi aseNimirimi acitshile, utshani bubunile, uhlanga kalusekho, akukho lutho oluluhlaza oluseleyo. **7** Ngakho inotho abayizuzileyo bayigcina, bayithwalela ngaphetsheya kweSifula semiDubu. **8** Ukuklabalala kwabo kuzwakele emngceleni waseMowabi, ukukhala kwabo kufika kude e-Egilayimi, ukulila kwabo kufika eBheri-Elimi. **9** Amanzi aseDimoni agcwele igazi kodwa ngizajinge ngilethe okunengi phezu kweDimoni, isilwane phezu kwababalekayo baseMowabi, lakulabo abazasala elizweni.

16 Thumelani izimvu njengendlela yokuhlonipha kumbusi welizwe evela eSela, edabula enkangala, esiya entabeni yeNdodakazi yeZiyoni. **2** Njengenyoni ephaphazelayo isuswe esidlekeni, banjalo abesifazane baseMowabi emazibukweni ase-Arinoni. **3** UMowabi uthi, “Zinzisani ingqondo zenu lenze isinqumo. Yenzani isithunzi senu sibe njengobusuku emini enkulu; bafihleni ababalekayo, linganikeli ziphepheli. **4** Vumelani ziphepheli zamaMowabi zihlale kini; libe yisiphephelo sazo kubachithi.” Umncindezeli uzakufa, ukuchitheka kuzaphela, umhlaseli uzanyamalala

elizweni. **5** Ngothando, kuzamiswa isihlalo sobukhosi; ngokwethembeka, indoda izahlala kuso, ivela endlini kaDavida, yona ethi ekwahluleleni ifune imfanelo, njalo iphangisisa indlela yokulunga. **6** Sizwile ngokuzigqaja kukaMowabi. Ukuzigqaja kwakhe kokuzikhukhumeza lokuzazisa, ukuzigqaja kwakhe lobuqholo bakhe, kodwa ukuzikhukhumeza kwakhe kuyize. **7** Ngakho-ke abaseMowabi bayalila, balilela iMowabi bonke. Khalani libubulele izinkwa ezilezithelo zevini eKhiri-Haresethi. **8** Amasimu aseHeshibhoni ayabuna, anjalo lamavini aseSibhima. Ababusi bezizwe sebewanyathelele phansi amavini amahle kuqala ayefika eJazeri, njalo anda kusiya ngasenkangala. Amahlumela awo anaba aze ayafika ngasolwandle. **9** Ngakho ngiyakhala njengalokhu ijazeri ikhala, ngikhalela amavini aseSibhima. Awu Heshibhoni lawe Eliyale, ngilithambisa ngezinyembezi. Ukuklabalalela izithelo zenu esezivuthiwe ngentokozo lezivuno zenu sekuphelile. **10** Ukuthokoza lokuthaba akusekho ezivinini; kakho ohlabelayo loba amemeze ezivinini; kakho onyathela iwayini ezikhamelweni ngoba umsindo sengiwuqedile. **11** Inhlizyo yami ikhalela uMowabi njengechacho, ingaphakathi yami ikhalela iKhiri-Haresethi. **12** Lapho uMowabi evela endaweni yakhe ephakemeyo uyazidinisa nje kuphela; lapho esiya endaweni yakhe yokukhonzela ukuba akhuleke akusizi lutho. **13** Leli yilizwi uThixo avele eselikhulumile ngoMowabi. **14** Kodwa khathezi uThixo uthi: “Phakathi kweminyaka emithathu, njengesisebenzi esibotshwe yisivumelwano singayibala, udumo lukaMowabi labantu bakhe bonke abanengi kuzakweyiswa, njalo abazasinda bakhona bazakuba balutshwana kakhulu njalo bengelamandla.”

17 Isiqalekiso esimayelana leDamaseko: “Khangela iDamaseko kayisayikuba lidolobho kodwa izakuba yinqumbi yamanxiwa. **2** Amadolobho ase-Aroyeri azatshiywa, etshiyelwa imihlambi ezalala phansi kungekho ozayenza yesabe. **3** Idolobho elivikelweyo lizanyamalala ko-Effrayimi lamandla obukhosi eDamaseko; insalela ka-Aramu izakuba njengodumo lwabako-Israyeli,” kutsho uThixo uSomandla. **4** “Ngalolusuku udumo lukaJakhobe luzakwehla; amafutha asemzimbeni wakhe azancipha. **5** Kuzakuba njengalapho umvuni evuna amabele amiyo evuna amabele ngengalo yakhe, njenganxa umuntu edobha izikhwebu zamabele eSigodini saseRefayi. **6** Ikanti ezinye izikhwebu zizasala, njengalapho isihlahla se-oliva sibhuliwe, kusale ama-oliva amabili loba amathathu ezingatsheni eziphezulu kakhulu, amane loba amahlanu ezingabeni zezithelo,” kutsho uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli. **7** Ngalolosuku abantu bazathembela kuMenzi wabo amehlo abo aphendukele koNgcwele ka-Israyeli. **8** Abayikuthembela ema-alithareni, umsebenzi wezandla zabo, njalo kabayikuzinanzazinsika zika-Ashera lama-alithare emepha enziwa yiminwe yabo. **9** Ngalolosuku amadolobho abo aqinileyo, abawatshiyayo ngenxa yama-Israyeli azafana lezindawo ezatshiyelwa izixukwana lezihlahlanyana. Konke

kuzakuba yincithakalo. **10** Selimkhohliwe uNkulunkulu uMsindisi wenu, kalilikhumbulanga iDwala, inqaba yenu. Ngakho lanxa ligxumeka izihlahla ezinhle, lihlayele lamavini avela ezizweni, **11** lanxa lingawenza akhule ngelanga elizawagxumeka ngalo, loba liwenze ahlume ngekuseni eliwahlanyele ngayo, kodwa isivuno sizakuba yize ngosuku lwesifo lobuhlungu obungelaphekiyo. **12** Maye, ukuhlokoma kwezizwe eziphenzi, zihlokoma njengokuhlokoma kolwandle! Yeka ukuxokozela kwezizwe, zihuba njengokuhuba kwamanzi amanengi! **13** Lanxa izizwe zihuba njengokugubhuza kwamanzi, nxa ezikhuya zibalekela khatshana, njengamakhoba ephetshulwa ngumoya emaqakeni, lanjengothuli olubangwa yisivunguzane. **14** Kusihlwa kuba lokuthuthumela. Kungakasi, kabasekho. Lesi yiso isabelo salabo abasikhuthuzayo, isabelo salabo abasihlaselayo.

18 Maye ngelizwe elilokuphaphazela kwempiko emifuleni yaseKhushi, **2** elithuma izithunywa zihamba olwandle ngezikepe zemihlanga phezu kwamanzi. Hambani, zithunywa ezilejubane, liye ebantwini abade abalejwabu elibutshelazi, ebantwini abesatshwayo ezindaweni zonke, isizwe esilolaka, esilolimi olungaziwayo, esilizwe laso lehlukaniswe yimifula. **3** Lonke lina bantu bomhlaba, lina elihlala emhlabeni, lapho uphawu luphakanyiswa phezu kwezintaba lizalubona, lalapho uphondo lukhala lizaluzwa. **4** Lokhu yikho uThixo akutshoyo kimi: “Ngizakwala ngithule, ngikhangele ngisendaweni yami yokuhlala, njengokucwebezela kokutshisa ekukhanyeni kwelanga, lanjengenkungu yamazolo ngesikhathi sokuvuna.” **5** Ngoba kungakavunwa, lapho ukukhahlela sekudlule, amaluba esesiba livini elivuthiweyo, uzaquma amahlumela ngamahlaka okuthena, aqume lengatsha ezinabayo, azisuse. **6** Zonke zizatshiyelwa izinyoni zasezintabeni ezidla inyama, lezinyamazana zeganga; izinyoni zizakudla ihlobo lonke, izinyamazana zeganga ubusika bonke. **7** Ngalesosikhathi izipho zizalethwa kuThixo uSomandla zivela ebantwini abade abalamajwabu abutshelazi, zivela ebantwini abesatshwayo ezindaweni zonke. Isizwe esilolaka, esilolimi olungaziwayo, esilizwe laso lehlukaniswe yimifula, izipho zizalethwa entabeni iZiyoni, endaweni yeBizo likaThixo uSomandla.

19 Isiphrofethi esimayelana leGibhithe sithi: Khangela uThixo ukhwele phezu kweyezi elisesiqubu esiza eGibhithe. Izithombe zaseGibhithe ziyathuthumela phambi kwakhe, njalo inhliziyo zamaGibhithe ziba buthakathaka ngaphakathi kwawo. **2** “Ngizadunga umGibhithe alwe lomGibhithe, umuntu uzakulwa lomfowabo, umakhelwane alwe lomakhelwane, idolobho lilwe ledolobho, umbuso ulwe lombuso. **3** AbaseGibhithe bazaphelelwa lithemba, njalo ngizakwenza amacebo abo abe yize; bazabuzwa izithombe lemimoya yabafayo, amadlozi lezanuse. **4** AbaseGibhithe ngizabanikela enkosini, ielishluku, inkosi eyesabekayo izababusa,” kutsho iNkosi, uThixo uSomandla. **5** Amanzi

omfula azakutsha, umfula uzacitsha, wome. **6** Imigelo izanuka, izifula zaseGibhithe zizakwentsha zitshe. Imihlanga lebhuma kuzabuna, **7** kanjalo lezihlahlanyana emakhunjini kaNayili lapho umfula othela khona. Konke okuhlanyelwe eduzane loNayili Kuzakoma, kuphephukele khatshana Kungabikhona. **8** Abagoli benhlanzi bazabubula balile, bonke abaphosa amawuka kuNayili, loba abajika amambule emanzini bazaphela amandla. **9** Labo abasebenzisa isikhulu bazadangala, abeluka ilineni elihle bazaphelelwa lithemba. **10** Izisebenzi zasemalenjini zizadana, njalo bonke abahola imihlo bazakuba lusizi. **11** Izikhulu zaseZowani azisilutho kodwa izithutha nje; abaluleki bakaFaro abahlakaniphileyo banika izeluleko zobuwula. Ungatsho kanjani kuFaro uthi, “Mina ngingomunye wamadoda ahlakaniphileyo, umfundi wamakhosi endulo?” **12** Khatshi bangaphi abantu bakini abahlakaniphileyo? Kabalitshengise balazise ngalokhu uThixo uSomandla asecebe ukukwenza emelana leGibhithe. **13** Izikhulu zaseZowani sezibe yizithutha, abakhokheli baseMemfisi bakhohlisiwe, abazinsika zabantu bakhona sebedukise iGibhithe. **14** UThixo usethele umoya wesiyezi phakathi kwabo; benza iGibhithe ibhadazele kukho konke ekwenzayo, njengesidakwa sidiyazela emahlanzweni aso. **15** Akulalutho iGibhithe engalwenza, ikhanda loba umsula, ugatsha lwelala loba umhlanga. **16** Ngalolosuku abaseGibhithe bazafana labesifazane. Bazathuthumela ngokwesaba isandla esiphakanyisiweyo uThixo uSomandla abaphakamisele sona. **17** Lelizwe lajoJuda lizaletha ukwesaba kwabaseGibhithe. Bonke okuzakhulunywa kubo ngoJuda bazathuthumela, ngenxa yalokho uThixo uSomandla aceba ukukwenza kubo. **18** Ngalolosuku amadolobho amahlanu aseGibhithe azakhluma ulimi lwaseKhenani, afungele ukwethembeka kuThixo uSomandla. Elinye lawo lizathiwa liDolobho leNcithakalo. **19** Ngalolosuku kuzakuba le-alithari likaThixo phakathi kwelizwe laseGibhithe, lelitshe lesikhumbuzo sikaThixo emngceleni walo. **20** Lizakuba yisibonakaliso lobufakazi kuThixo uSomandla elizweni laseGibhithe. Lapho bekhalaza kuThixo ngenxa yabancindezeli babo, uzabathumela umsindisi lomvikeli, abahenge. **21** Kanjalo uThixo uzakwenza ukuba azakale kwabaseGibhithe, njalo ngalolosuku bazamvuma uThixo. Bazakhonza ngemihlatshelo langeminikelo yamabele; bazakwenza izifungo kuThixo, bazigcine. **22** UThixo uzatshaya iGibhithe ngesifo; uzabatshaya aphinde abasilise. Bazaphendukela kuThixo, njalo uzakuzwa imikhuleko yabo abasilise. **23** Ngalolosuku bazakuba lomgwaqo osuka eGibhithe usiya e-Asiriya. Abase-Asiriya bazakuya eGibhithe, abeGibhithe labo baye e-Asiriya. AbaseGibhithe labase-Asiriya bazakhonza ndawonye. **24** Ngalolosuku i-Israyeli izakuba ngeyisithathu kanye leGibhithe le-Asiriya kube yisibusiso emhlabeni. **25** UThixo uSomandla uzababusisa esithi, “Kayibusiswe iGibhithe abantu bami, i-Asiriya umsebenzi wezandla zami le-Israyeli ilifa lami.”

20 Ngomnyaka indunankulu yebutho eyafika ngawo e-Ashidodi, ithunywe nguSagoni inkosi yase-Asiriya, yahlasela i-Ashidodi yayithumba, 2 ngalesosikhathi uThixo wakhuluma ngo-Isaya indodana ka-Amozi wathi kuye, “Susa isaka oligqokileyo emzimbeni wakho ukhuphe lamanyathela ezinyaweni zakho.” Wenza njalo, wahamba nqunu njalo engagqokanga lutho ezinyaweni. 3 UThixo wasesithi, “Njengoba incek u yami u-Isaya ihambe nqunu njalo ingagqokanga lutho ezinyaweni okweminyaka emithathu njengesibonakaliso lomhlolo kwabaseGibhithe labaseKhushi, 4 ngokunjalo inkosi yase-Asiriya izabaqhuba benqunu njalo bengafakanga manyathela ezinyaweni abaseGibhithe abathunjiweyo labaseKhushi abaxotshwayo elizweni lakibo, abatsha labadala, izibunu zisegcekeni, kube luhlazo eGibhithe. 5 Labo ababethembe iKhushi bezincoma ngeGibhithe, bazakwesaba bayangiswe. 6 Ngalolosuku abantu abahlala kulelikele eliseduze kolwandle bazakuthi, ‘Khangeleni osokwenzakale kulabo ebesigwaba ngabo, labo esabalekela kubo ukuba sithole usizo lokukhululwa enkosini yase-Asiriya! Pho sizaphepha kanjani na?’”

21 Isiphrofethi mayelana leNkangala engasoLwandle: Njengesivunguzane sidlula eNegebi, umhlaseleli uvela enkangala evelela elizweni elesabekayo. 2 Ngitshengiswe umbono owesabekayo. Umthengisi uyathengisa, umkhuthuzi uthatha impahla. Elamu, hlasela! Mediya, vimbezela! Mina ngizakuqeda konke ukububula akudalileyo. 3 Ngalokhu umzimba wami uyafuthelwa, ngiphethwe yibuhlungu obufana lobowesifazane ehelelwa. Ngithithibaliswa yilokhu engikuzwayo, ngidideka ngalokhu engikubonayo. 4 Inhliziyo yami iphela amandla, ukwesaba kungenza ngiqhaqhazele; ukuhlwa engibe ngikufisa, sekusesabeka kimi. 5 Itafula bayilungisile, bendlala amalembu bayadla, bayanatha. Sukumani lina zikhulu, ligcobe amahawu! 6 Lokhu yikho uThixo akutshoyo kimi: “Hamba uyefaka umlindi ukuze abike akubonayo. 7 Angabona izinqola zempi, kulemihlambi yamabhiza, abagadi phezu kwabobabhemi loba abagadi phezu kwamakamela, kaqaphele; aqaphelisisa sibili.” 8 Umlindi wasememeza esithi, “Nkosi yami, usuku ngosuku ngiyema phezu komphotshongo wokulinda; ubusuku ngabunye ngihlala ensikeni yami. 9 Khangela, nangu umuntu esiza esenqoleni yempi lomhlambi wamabhiza. Uphendula esithi, ‘IBhabhiloni isidilikile, isidilikile! Zonke izifanekiso zezithombe zayo zihlakazekele phansi!’” 10 Awu bantu bami elibhulelwe esizini, ngilitshelela engikuzwayo kuvela Thixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli. 11 Isiphrofethi esimayelana leDuma: Umuntu othile uyangimemeza eseSeyiri, esithi, “Mlindi, kuyini okwebusuku okusaseleyo? Mlindi, kuyini okwebusuku okusaseleyo?” 12 Umlindi uphendula esithi, “Ukusa kuyeza, kodwa lobusuku buyeza. Nxa ufuna ukubuya, buza; uphinde ubuye futhi.” 13 Isiphrofethi esimayelana le-Arabhiya: Lina zindwendwe zabakoDedani ezimise emahlalathini ase-Arabhiya, 14 lethelani abomileyo amanzi; lina

elihlala eThema, lethelani ababalekayo ukudla. 15 Babalekela inkemba, inkemba eqhatshisiweyo, babalekela idandili eligotshiweyo, lokutshisa kwempi. 16 Lokhu yikho uThixo akutshoyo kimi ukuthi: “Phakathi komnyaka owordwa nje, njengendlela isisebenzi esiqhatshiweyo esingawubala ngayo, lonke udumo lweKhedari luzaphela. 17 Abasindayo kwabemitshoko, amabutho aseKhedari, bazakuba balutshwana.” UThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, usekhulumile.

22 Isiphrofethi ngesiGodi soMbono: Kuyini okukukhathazayo khatthesi, wena sewakhwela phezu kwezimpahla zezindlu, 2 wena dolobho eligcwele iziphithiphithi, wena dolobho lokuxokozela lokuthokoza? Abafayo bakho ababulawanga ngenkemba, njalo kabafelanga empini. 3 Bonke abakhokheli bakho babaleke bebonke, bathunjwe bengazange basebenzise mtshoko. Lonke lina elabanjwayo lathathwa ukuba libe yizibotshwa ndawonye, libalekile isitha sisesekhatshana. 4 Ngakho ngathi, “Sukani kimi; lingiyekele ngikhale kabuhlungu. Lingazami ukungiduduzi ngenxa yokuchithwa kwabantu bakithi.” 5 INkosi, uThixo uSomandla, ulosuku lokuxokozela lokugxoba lokwesaba eSigidini soMbono, usuku lokudiliza imiduli lokumemezeza ezintabeni. 6 I-Elamu ithatha isikhwama semitshoko, labatshayeli balo bezingqola zempi, lamabhiza; iKhiri lambula ihawu. 7 Izigodi zakho ezinhlle kakhulu zigcwele izinqola zempi, abagadi bamabhiza bamiswe emasangweni edolobho. 8 Ukuvikeleka kukajuda kususiwe, Ngalolosuku wathemba izikhali eziseSigidlweni seHlathi, 9 wabona ukuthi iDolobho likaDavida lalilezikhala ezinengi ezivikelweni zalo; waggcina amanzi eSizibeni esingaPhansi. 10 Wabala izindlu zaseJerusalem, wazidiliza ukuze kuqiniswe umduli. 11 Phakathi kwemiduli yomibili wakha indawo yokugcinela amanzi eSiziba esiDala. Kodwa kawukhangelanga kuLowo owasenzayo, kumbe umnake Lowo owaceba ukusenza kudala. 12 Ngalolosuku iNkosi, uThixo uSomandla, wakubiza ukuba ukhale ulile, usiphune inwele zakho, ugqoke isaka. 13 Kodwa khangela, kulokuthaba lokuthokoza, ukuhlathsha kwezinkomo lokubalwa kwezimvu, ukudliwa kwenyama lokunathwa kwewayini! Lithi, “Kasidleni sinathe, ngoba kusasa sizakufala!” 14 UThixo uSomandla usekuvezile lokhu ngisizwa: “Lesisono kasiyikuthethelelwa kuze kube lusuku lwakho lokufa,” kutsho iNkosi, uThixo uSomandla. 15 Lokhu yikho okutshiwo yiNkosi, uThixo uSomandla, uthi: “Hamba, uthi encekwini le, kuShebhina ongumphathi wesigodi: 16 Wenzani lapha, njalo ngubani okuphe imvumo ukuba uzimbele ingcwaba lapha, ugubha ingcwaba lakho endaweni ephezulu, ugubha indawo yakho yokuphumula edwaleni?” 17 Qaphela, sekuseduze ukuthi uThixo akubambe aqinise, akuphosele khatshana, wena ndoda elamandla. 18 Uzakugoqa ngokuqinisa akubumbe njengebhola akuphosele elizweni elikhulu. Uzafela khonapho. Lezigqoko zakho zempi ezinhlle zizasala khonapho, wenza ihlazo endlini yenkosi yakho! 19

Ngizakususa esikhundleni sakho, njalo uzaxotshwa emsebenzini wakho. **20** Ngalolosuku ngizabiza inceku yami, u-Eliyakhimu indodana kaHilikhiya. **21** Ngizamgqokisa izembatho zakho, ngimbophe ngebhanti lakho, ngimnike amandla akho. Uzakuba nguyise walabo abahlala eJerusalem lakwabendlu kaJuda. **22** Ngizabeka phezu kwamahlombe akhe isivulo sendlu kaDavida; akuvulayo kakho ongakuvala. **23** Ngizambethela njengesikhonkwane endaweni eqinileyo; uzakuba yisihlalo sobukhosi sasendlini kayise. **24** Lonke udumo lwakwabo luzakuba kuye, inzalo yakhona lezizukulwane zonke, izitsha zakhona ezincinyane, kusukela emiganwini kusiya enkonxeni zonke. **25** “Ngalolosuku,” kutsho uThixo uSomandla, “isikhonkwane esabethela endaweni eqinileyo sizakhumuka; sizaqunywa siwe, umthwalo ophezu kwaso uzawela phansi.” UThixo usekhulumile.

23 Isiqalekiso esimayelana leThire: Khalani lina mikhumbi yaseThashishi! Ngoba iThire selichithiwe lasala lingaselandlu kumbe indawo yokungenisa imikhumbi. Ilizwi selifikile kibo livela elizweni laseKhitimi. **2** Thulani lina bantu basesihlengeni lani bathengi baseSidoni, asebanothiswa ngabahambi bolwandle. **3** Amabele aseShihori eza ephezu kwamanzi, isivuno saseNayili sasiyinzuzo yeThire, njalo yaba yindawo yezizwe yokuthengiselana. **4** Woba lenhloni wena Sidoni, lawe wena nqaba yasolwandle ngoba ulwandle selukhulumile lwathi: kangizange ngihelele kumbe ngizale; “Kangizange ngondle amadodana kumbe ngikhulise amadodakazi.” **5** Lapho ilizwi lifika eGibhithi bazakuba lusizi ngombiko ovela eThire. **6** Khuphukelani ngaseThashishi; khalani lina bantu basesihlengeni. **7** Leli yilo na idolobho lenu lentokozo, idolobho elidaladala, elinyawo zalo zalithatha ukuyalahlalisa emazweni akude? **8** Ngubani ocele lokhu ngeThire, umethesi wemiqhele, abathengisi bayo bangamakhosana, abathengisi bayo badumile emhlabeni? **9** UThixo uSomandla wakuceba lokhu, ukwehlisa ukuziqqaja kwenkazimulo yonke lokuthobisa bonke abalodumo emhlabeni. **10** Lima insimu yakho malungana leNayili wena Ndodakazi yaseThashishi ngoba kawuselayo indawo yokungenisa imikhumbi. **11** UThixo useselulele isandla sakhe phezu kolwandle wenza imibuso yalo yanyikinyeka. Usekhuphe umlayo ngeKhenani ukuba izingaba zayo zidilizwe. **12** Wathi, “Akusekho ukuthokoza kwakho wena Ndodakazi Egceweleyo yaseSidoni esichoboziwe! Vuka ukhuphukele ngaseKhitimi; lakhona awuyikuthola ukuphumula.” **13** Khangela elizweni lamaKhaladiya, abantu laba khathesi abangaselutho! Abase-Asiriya sebelenze laba yindawo yezidalwa zeganga; bakhe imiphotshongo yabo yokuzivikela, bazibhidlizile izingaba zalo balenza laba lunxiwa. **14** Khalani lina mikhumbi yaseThashishi, inqaba yenu idilizwe! **15** Ngalesosikhathi iThire izakhohlakala okweminyaka engamatshumi ayisikhombisa, ibanga lokuphila kwenkosi. Kodwa ekupheleni kwaleyominyaka engamatshumi ayisikhombisa, eThire kuzakwenzakala

okunjengokutshiwo yingoma yewule ukuthi: **16** “Thatha ichacho, uhambahambe phakathi kwedolobho wena wule elikhohlakeleyo. Litshaye kühle ichacho, uhlabele izingoma ezinengi, ukuze ukhunjulwe.” **17** Ekupheleni kweminyaka engamatshumi ayisikhombisa uThixo uzakhumbula iThire. IThire lizabuyela ekuthengiseni kwalo njengesifebe, njalo lizabuyela emsebenzini walo wokuthengiselana lemibuso yonke esemhlabeni. **18** Inzuzo lemiholo yalo kuzakwahlukaniselwa uThixo; kakuyikulondolozwa loba kubuthelelwe. Inzuzo yalo izakuya kulabo abahlala loThixo ukuba babe lokudla okunengi lezigqoko ezinhle.

24 Khangela, uThixo uzabhidliza umhlaba utshabalale; uzawuchitha, ahlakaze abahlala kuwo. **2** Kuzafanana okuzenziwa kumphristi kuzenziwa lasebantwini, okuzenziwa enkosini kuzenziwa lasencekwini, okuzenziwa enkosikazini kuzenziwa lasencekukazini, okuzenziwa kumthengisi kuzenziwa lakumthengi, okuzenziwa kowebolekayo kuzenziwa lakumebolekisi, okuzenziwa kokweledayo kuzenziwa lakokweledisayo. **3** Umhlaba uzatshabalaliswa nya uphangwe uqedwe du. UThixo uselikhulumile ilizwi leli. **4** Umhlaba uyoma ubune, umhlaba uyahodoza ubune, abaphakemeyo bomhlaba bayahodoza! **5** Umhlaba ungcoliswa ngabantu bawo. Kabayilalelanga imithetho, beqe imilayo bephula isivumelwano esingapheliyo. **6** Ngakho-ke umhlaba uchithwa yisiqalekiso; abantu bawo kumele bahlupheke ngenxa yokona kwabo. Ngakho abantu abahlala emhlabeni bayatshiswa, njalo balutshwana kakhulu abaseleyo. **7** Iwayini elitsha liyaphela, amavini ayabuna; bonke abenza umsindo bejabula bayabubula. **8** Ukukhala kwamagedla kuthulisiwe, umsindo wabajabulayo usuphelile, ichacho lentokozo selithule. **9** Kabasanathi iwayini behlabela, utshwala buyababa kubanathi babo. **10** Idolobho elidilikileyo litshabalele; iminyango yezindlu zonke ivalekile. **11** Emigwaqweni bakhalela iwayini, yonke intokozo iba yikudana, ukujabula konke kuphelile emhlabeni. **12** Idolobho lisele selingamanxiwa, isango lalo libhidlizwe laba yizicucu. **13** Kuzakuba njalo emhlabeni laphakathi kwezizwe, njengalapho isihlahla som’oliva sinyikinywa, loba njengezithelo ezitholwa emva kokuvunwa kwamavini. **14** Baphakamisa amazwi abo, bahlabele ngentokozo; bememezela ubukhosi bukaThixo bengasentshonalanga. **15** Ngakho-ke dumisani uThixo empumalanga; phakamisani uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, ezihlengeni zolwandle. **16** Sizwa ukuhlabelela okuvela emikhawulweni yomhlaba: “Udumo kalube koLungileyo.” Kodwa mina ngathi, “Ngiyacikizeka, ngiyacikizeka! Maye mina! Abakhohlisi bayaceba! Ngenkohliso abakhohlisi bayaceba!” **17** Ukwesaba, igodi lomjibila kulilindele, lina bantu basemhlabeni. **18** Loba ngubani obalekela umsindo wokwesaba uzawela egodini; loba ngubani ophumayo egodini uzabanjwa ngumjibila. Amasango asezulwini avuliwe, izisekelo zomhlaba ziyanyikinyeka. **19** Umhlaba usubhidlikile, umhlaba usudabuke phakathi,

umhlaba usunyikinywe impela. **20** Umhlaba udiyazela njengesidakwa, uzunguzeka njengendlu kulesiphepho; siwusinda kangaka isono sokuhlumuka kwawo uze uwe, awuyikuvuka futhi. **21** Ngalolosuku uThixo uzajezisa amabutho asemazulwini phezulu lamakhosi emhlabeni ngaphansi. **22** Bazabuthelwa ndawonye njengezibotshiwa zibotshiwe emgodini oyintolongo. Bazavalelwa entolongweni bajesiswe emva kwensuku ezinengi. **23** Inyanga izayangeka, ilanga libelenhloni; ngoba uThixo uSomandla uzabusa ngenkazimulo phezu kweNtaba iZiyoni laphakathi kweJerusalem, laphambi kwabadala bakhona.

25 Oh Thixo, wena unguNkulunkulu wami; ngizakudumisa ngibabaza ibizo lakho ngoba ngokuthembeka okupheleleyo, wenze izinto ezimangalisayo, izinto ezamiswa endulo. **2** Wenze idolobho laba yinqwaba yemfucuzo; idolobho elivikelweyo laba lunxiwa, inqaba yabezizweni kayiseyilo dolobho; kayiyikwakhiwa futhi. **3** Ngakho-ke abantu abalamandla bazakudumisa, amadolobho ezizwe ezilolunya azakwesaba. **4** Ubuyisiphephelo sabayanga, isiphephelo soswelayo osizini lwakhe, isivikelo phakathi kwesiphepho lomthunzi ekutshiseni kwelanga. Ngoba umoya wabalesihluku unjengesiphepho sitshayeka emdulini, **5** lanjengokutshisa kwasenkangala. Wena uthulisa umsindo wabezizweni; njengokutshisa kusehliswa ngumthunzi weyezi, ithuliswa kanjalo lengoma yaba lesihluku. **6** Phezu kwale intaba uThixo uSomandla uzakwenzela abantu bonke idili lokudla okumnandi, idili lewayini elidala, inyama enhle kakhulu lewayini elihle kakhulu. **7** Phezu kwale intaba uzadiliza isembeso esimboze abantu bonke, ilembu elembese izizwe zonke; **8** uzakuginya kokuphela ukufa. UThixo Wobukhosi uzakwesula inyenyezi ebusweni babantu bonke; uzasusa ihlazo labantu bakhe emhlabeni wonke. UThixo usekhulumile. **9** Ngalolosuku bazakuthi, “Ngempela lo nguNkulunkulu wethu; sethemba kuye, wasikhulula. Lo nguThixo, sethemba kuye; kasithokozeni sithabe ngokusindisa kwakhe.” **10** Isandla sikaThixo sizahlala phezu kwalintaba; kodwa uMowabi uzanyathelelwa ngaphansi ezweni lakhe njengotshani bunyathelelwa phansi emqubeni. **11** Bazakwelulela izandla zabo kuye, njengenhlabi iselula izandla zayo ukuba intsheze. UNkulunkulu uzakuqeda ukuzigqaja kwabo phezu kokuhlakanipha kwezandla zabo. **12** Uzadiliza izingqaba zenu eziphakemeyo azibhidlizele phansi; uzadilizele phansi emhlabathini, kulo kanye uthuli.

26 Ngalolosuku ingoma le izahlatshelwa elizweni lakoJuda: Siledolobho eliqinileyo; uNkulunkulu wenza ukusindisa kube yimiduli yalo lezivikelo. **2** Vulani amasango ukuze isizwe esilungileyo singene, isizwe esigcina ukuthembeka. **3** Lizamemeza abe lokuthula okupheleleyo lowo olengqondo ebambeelayo, ngoba wethemba kuwe. **4** Thembani uThixo kokuphela, ngoba uThixo, uThixo ngokwakhe, uliDwala laphakade. **5** Ubehlisela phansi abahlala engqongeni;

ulehlisela phansi idolobho eliphakemeyo, ulidilizele emhlabathini, aliphosele phansi othulini. **6** Inyawo zilinyathelela phansi, inyawo zabancindezelweyo, amanyathelo abayanga. **7** Indlela yabalungileyo iqondile; awu wena oQotho, wenza indlela yabalungileyo ibe butshelezi. **8** Yebo, Thixo, sihamba endleleni yemithetho yakho, siyakulindela; ibizo lakho lodumo lwakho kulangathelelwa zinhliziyi zethu. **9** Umphfumulo wami uyakulangazelela ebusuku, ekuseni umoya wami uyakukhumbula. Lapho ukwahlulela kwakho kufika emhlabeni, abantu basemhlabeni bayakufunda ukulunga. **10** Lanxa ababi betshengiswa umusa, kabakufundi ukulunga; laselizweni lokulunga baqhubeke besenza okubi, bengabunaki ubukhosi bukaThixo. **11** Oh Thixo, isandla sakho siphakanyiselwe phezulu, kodwa kabasiboni. Babonise ukutshisekela kwakho abantu bakho bayangiswe; umlilo olungiselwe izitha zakho kawubaqede. **12** Thixo, usilethela ukuthulo; konke esesikufezile sikwenzelwe nguwe. **13** Oh Thixo, Nkulunkulu wethu, amanye amakhosi ngaphandle kwakho ake asibusa, kodwa ibizo lakho yilo lodwa esilidumisayo. **14** Khathezi asafa, kawasaphili; imimoya leyana eyahambayo kayivuki. Wawajezisa, wawatshabalalisa; wesula konke ukukhunjulwa kwawo. **15** Usandisile isizwe, Oh Thixo; usandisile isizwe. Uzilethele udumo; uyiqhelisile yonke imikhawulo yelizwe. **16** Thixo, beza kuwe ekuhluphekeni kwabo; kwathi lapho usubajezisile banelisa ukunyenyenza umkhuleko. **17** Njengowesifazane okhulelweyo lapho esezabeletha uyabhinjika ekhaliswa yibuhlungu, lathi sabanjalo phambi kwakho, Oh Thixo. **18** Sasikhulelwe, sabhinjika ebuhlungwini, kodwa sazala umoya. Kasilethanga nsindiso emhlabeni; kasibazalelanga lutho abantu basemhlabeni. **19** Kodwa abafileyo bakho bazaphila Thixo, imizimba yabo izavuka. Lina elihlala othulini, vukani lihlabelele ngentokozo. Amazolo enu afana lamazolo ekuseni; umhlaba uzabaveza abafileyo bawo. **20** Hambani bantu bami, ngenani ezindlini zenu, lizivalele phakathi; lizifihle okwesikhatshana ulaka lwakhe luze luphele. **21** Khangelani, uThixo uyaphuma lapho ahlala khona ukuba ajezise abantu basemhlabeni ngenxa yezono zabo. Umhlaba uzaveza igazi elachithwa kuwo; kawusayikubafihla ababulawayo bawo.

27 Ngalolosuku, uThixo uzajezisa ngenkomba yakhe, inkemba yakhe eyesabekayo, enkulu njalo elamandla, uLeviyathani inyoka endizayo, uLeviyathini inyoka egoqanayo; uzayibulala inunu yasolwandle. **2** Ngalolosuku: “Hlabelani ngesivini esithela izithelo. **3** Mina Thixo, ngiyasilinda; ngiyasithelelela kokuphela. Ngisilinda emini lebusuku ukuze kungabikhona owenza okubi kuso. **4** Angithukuthelanga. Sengathi kungabe kulokhula lameva okumelana lami! Bengizakulanda ngilwe lakho empini; bengizakutshisa konke ngomlilo. **5** Loba phela kabeze bazephephela kimi; kabenze ukuthula lami, yebo, kabenze ukuthula lami.” **6** Ensukwini ezizayo uJakhobe uzagxila, u-Israyeli uzahluma akhahlele agcwalise umhlaba wonke ngezithelo. **7** UThixo usemtshayile na njengokutshaya

kwakhe abamtshayayo? Usebulewe na njengokubulawa kwalabo abambulalayo? **8** Ngempi langokumxotsha elizweni ulwe laye, ngesiphepho sakhe esesabekayo umsusela phandle, njengamhla kuvunguza umoya wasempumalanga. **9** Ngalokhu-ke ukona kukajakhobe kuzahlawulelwa, njalo lokhu kuzakuba yisithelo esigcweleyo esokususwa kwesono sakhe: Lapho esenza wonke amatshe e-alithare abe njengamatshe ekalaga avuthuzwe izicucu, akulazinsika zika-Ashera kumbe ama-alithare empepha azatshiywa emi. **10** Idolobho elivikelweyo libhidlikile, indawo yokuhlala etshiyiweyo, yadelwa njengenkangala; lapho asesidla khona amathole lapho alala khona phansi; aphundla ingatsha zalo zisale zize. **11** Lapho ingatsha zalo sezomile, ziyephulwa kuze abesifazane babase umlilo ngazo. Ngoba laba ngabantu abangelakuzwisisa; ngakho uMenzi wabo kalasihawu kubo, loMdali wabo akayikuba lomusa kubo. **12** Ngalolosuku uThixo uzabhala kusukela kuYufathe ogelezayo kusiyi eMhotsheni waseGibhithe, njalo lina abako-Israyeli lizabuthwa munye ngamunye. **13** Njalo ngalolusuku kuzakhaliswa icilongo elikhulu. Labo ababelahlekele elizweni lase-Asiriya lababexotshelwe elizweni laseGibhithe bazabuya bakhonze uThixo phezu kwentaba engcwele eJerusalem.

ngelabo kuze kube nini lanini. **8** Kodwa khangalani, lina lithemba amazwi akhohlisayo angasizi lutho. **9** Kambe lizantshontsha njalo libulale, lifebe, lifunge amanga, litshisele uBhali imphepha njalo lilandele abanye onkulunkulu elingakaze libazi, **10** beselisizakuma phambi kwami kuyonale indlu, eleBizo lami, lithi, “Sivikelekile,” livikeleka ukuba lenze zonke lezizinto ezenyanyekayo na? **11** Indlu le, eleBizo lami, seyaba lubhalu lwabaphangi na? Kodwa kade ngikhangele! kutsho uThixo. **12** Hambani khathezi endaweni yami eShilo lapho engenza khona kuqala indawo yokuhlala iBizo lami, libone engakwenza kuyo ngenxa yobubi babantu bami bako-Israyeli. **13** UThixo uthi, kwathi lapho lisenza lezizinto, mina ngakhuluma lani futhifuthi, kodwa kalinglalelanga, ngalibiza, kalaze lasabela. **14** Ngakho-ke, lokho engakwenza eShilo khathezi ngizakwenza kule indlu eleBizo lami, ithempeli elilithembileyo, indawo engalinika yona lina kanye labokhokho benu. **15** Ngizalixotsha phambi kwami, njengalokho engakwenza abafowone bonke, abantu bako-Efrayimi.’ **16** Ngakho abantu laba ungabakhulekeli loba ubakhulumele kumbe ubenzele isicelo; ungangincengi ngoba angiyikukulalela. **17** Abakwenzayo emadolobheni akoJuda lasemigwaqweni yaseJerusalem kawukuboni na? **18** Abantwana batheza inkuni, oyise babasa imililo, labesifazane baxova inhlama benzele iNdlovukazi yaseZulwini isinkwa. Bathelela abanye onkulunkulu iminikelo yokunathwayo ukuba bangithukuthelise. **19** Kodwa yimi abangithukuthelisayo na? kutsho uThixo. Kabazilimazi bona ngokwabo na, okulihlazo kubo? **20** Ngakho uThixo Wobukhosi uthi: Ukuthukuthela kwami lolaka lwami kuzakwehliselwa kule indawo, phezu kwabantu lasezinyamazaneni, phezu kwezihlahla zeganga laphezu kwezithelo zomhlabathi; njalo kuzakutsha kungacitsheni. **21** UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: Qhubekani, fakani iminikelo yenu yokutshiswa kweminye imihlatshelo yenu lidle inyama lina ngokwenu! **22** Ngoba ekukhupheni kwami okhokho benu eGibhithe ngikhuluma labo, angizange ngibanike imilayo nje kuphela ngeminikelo yokutshiswa lemihlathshelo, **23** kodwa ngabanika umlayo lo othi: Ngilalelani, njalo ngizakuba nguNkulunkulu wenu lina libe ngabantu bami. Hambani ngezindlela zonke engililaye zona, ukuze kulilungele. **24** Kodwa kabazange balalele kumbe banake; esikhundleni salokho, bona balandela inkani yentando yezinhliziyo zabo ezimbi. Baya emuva hatshi phambili. **25** Kusukela ngesikhathi okhokho benu besuka eGibhithe kuze kube khathezi, usuku ngosuku, njalonjalo ngalithumela izinceku zami abaphrofethi. **26** Kodwa kabangilalelanga kumbe banake. Babelentamo ezilukhuni njalo benza ububi obudlula obabokhokho babo.’ **27** Lapho ubatshela konke lokhu, kabayikukulalela; lalapho ubabiza, kabayikusabela. **28** Ngakho batshela uthi, ‘Lesi yisizwe esingalalelanga uThixo uNkulunkulu waso kumbe sivume ukuqondiswa. Iqiniso selifile; kalisekho ezindebeni zabo. **29** Gelani inwele zenu lizilahlele khatshana; lenze isililo emiqolweni elugwadule,

ngoba uThixo usesalile wasidela isizukulwane lesi esingaphanasi kolaka lwakhe.” **30** “Abantu bakoJuda benze ububi phambi kwami, kutsho uThixo. Bamise izithombe zabo ezenyanyekayo endlini eleBizo lami balingcolisa. **31** Sebakhe izindawo eziphakemeyo zaseThofethi esigodini saseBheni-Hinomu ukuba batshisele khona amadodana lamadodakazi abo ngomlilo, into engingabalayanga yona, engazange ifike engqondweni yami. **32** Ngakho qaphelani, insuku ziyeza, kutsho uThixo, lapho abantu bengayikuyithi yiThofethi kumbe iSigodi saseBheni-Hinomu, kodwa iSigodi sokuBulala, ngoba abafileyo bazabangcwaba eThofethi kuze kusweleke indawo. **33** Lapho-ke izidumbu zabantu laba zizakuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni leziyamazana zomhlaba, njalo akuyikuba lomuntu ozazethusa. **34** Ngizaqeda imisindo yokuthokoza leyenjabulo emadolobheni akoJuda lasemigwaqweni yaseJerusalema, lokuthaba lelizwi lomlobokazi lelomyeni, ngoba ilizwe lizachitheka.”

8 “Ngalesosikhathi, kutsho uThixo, amathambo amakhosi akoJuda lawezikhulu zakhona, amathambo abaphristi lawabaphrofethi, kanye lamathambo abantu baseJerusalema azakhutshwa emangcwabeni awo. **2** Azachaywa elangeni lasenyangeni lakuzo zonke izinkanyezi zasemazulwini, abakuthandayo bakukhonza njalo abakulandelayo bakubuzo bakudumisa. Kawayikubuthwa loba angcwatshwe, kodwa azakuba njengezibi phezu komhlabathi. **3** Loba kungaphi engibaxotshela khona, bonke abasilayo balesisizwe esibi bazakhetha ukufa kulokuphila, kutsho uThixo uSomandla.” **4** “Wothi kubo, ‘UThixo uthi: Abantu bangawa, kabavuki na? Omunye angaphambuka, kaphenduki na? **5** Pho kungani abantu laba bedukile? Kungani iJerusalema lihlala liseduka? Bayanamathela enkokhisiweni, bayala ukuphenduka. **6** Ngilalele ngesineke, kodwa kabatsho okulungileyo. Kakho ophenduka ebubini bakhe, esithi, ‘Kuyini engikwenzileyo na?’ Yilowo lalowo ulandela indlela yakhe njengebhiza lizithela empini. **7** Lengabuzane emoyeni liyazazi izikhathi zalo zomnyaka, lejuba, lenkonjane lohemu kuyasigcina isikhathi sakho sokuthutha. Kodwa abantu bami kabakwazi okufunwa nguThixo. **8** Lingatsho kanjani ukuthi, ‘Sihlakaniphile, ngoba silomthetho kaThixo,’ lona iqiniso kuyikuthi amanga alotshwe ngosiba lwababhali asenze umthetho wangabi liqiniso? **9** Abahlakaniphileyo bazayangiswa, bazakwesaba bathiyeke. Njengoba belalile ilizwi likaThixo, balenhlakanipho bani na? **10** Ngakho abafazi babo ngizabapha amanye amadoda lamasimu abo abe ngawabanye abatsha. Kusukela kwabancane kusiya kwabakhulu, bonke bayizihwaba ezifuna inzuzo, banjalo abaphrofethi kanye labaphristi, bonke benza inkohliso. **11** Babopha inxeba labantu bami kungathi kalilibi kakhulu. Bathi, ‘Ukuthula, ukuthula,’ khona ukuthula kungekho. **12** Kambe bayayangeka na ngokuziphatha kwabo okunengisayo? Hatshi, bavele kabalazo inhloni, lokuyangeka kabakwazi. Ngakho bazawela phakathi kwabawileyo, bazakwehliselwa

phansi lapho sebejeziswa, kutsho uThixo. **13** Ngizabemuka isivuno sabo, kutsho uThixo. Akuyikuba lezithelo ezivunini zabo. Akuyikuba lezithelo zomkhiwa esihlahleni, lamahlamvu aso azabuna. Engibanike khona kuzathathwa kubo.” **14** Pho sihlaleleni lapha? Buthanini! Kasibalekeleni emadolobheni avikelweyo siyebhubhela khona! Ngoba uThixo uNkulunkulu wethu usesilahlele ekubhubheni wasinika amanzi aletshefu ukuba sinathe, ngoba sonile kuye. **15** Sathemba ukuba lokuthula kodwa akubanga lobuhle obukhona, ekubeni kube yisikhathi sokwelatshwa kwaba lokwesaba. **16** Ukuthimula kwamabhiza esitha kuyezwakala kuvelela koDani, ekukhaleni kwamabhiza amaduna ilizwe lonke liyaqhaqhazela. Zilande ukuzatshwabadelo ilizwe lakho konke okukulo, idolobho labo bonke abahlala kulo. **17** “Khangalani, ngizathumela phakathi kwenu izinyoka ezilobuhlungu, izinhlangwana ezingeke zithakathwe, njalo zizaliluma,” kutsho uThixo. **18** Awu Mduduzi wami osizini, inhlizyo yami isiqaleka phakathi kwami. **19** Lalela ukukhala kwabantu bami okuvela elizweni elikhatshana besithi: ‘UThixo kakho eZiyoni na? Inkosi yalo kayisekho lapho na?’ ‘Kungani bevuse ulaka lwami ngezifanekiso zabo, langezithombe zezizweni eziyeze na?’ **20** “Ukuvuna sekwedlule, ihlobo seliphelile, kodwa kasihlengwanga.” **21** Njengoba abantu bami benqotshiwe lami nginqotshiwe, ngiyalala njalo ukwesaba kungiphethe. **22** Akulamuthi yini eGiliyadi? Kakho yini lomelaphi khona? Pho kungani kungekho kwelatshwa kwenxeba labantu bami na?

9 Awu, sengathi ngabe ikhanda lami lingumthombo wamanzi, lamehlo ami angumthombo wezinyembezi! Kade ngizakhala emini lebusuku ngikhalela abantu bami ababuleweyo. **2** Awu, sengathi ngabe enkangala ngilendawo engahlala izihambi, ukuba ngisuke ebantwini bami ngisuke kubo, ngoba bonke bayizifebe, ixuku labantu abangathembekanga. **3** “Benza izindimi zabo zilunge njengesavutha ukuba batshoke amanga, ukuthi bayanqoba elizweni akusikho ngeqiniso. Basuka kokunye ukona baye kokunye; kabangamukeli,” kutsho uThixo. **4** “Qaphela abangane bakho, ungabathembi abafowenu. Ngoba wonke umfowenu ungumkhohlisi, njalo wonke umngane ungumhlebi. **5** Umngane ukhohlisa umngane, njalo kakho okhuluma iqiniso. Sebafundisa izindimi zabo ukuqamba amanga, bayazidinisela ngokona. **6** Lihlala phakathi kwenkohliso, ngenkohliso yabo bayala ukungamukela,” kutsho uThixo. **7** Ngakho uThixo uSomandla uthi: “Khangalani, ngizabacalisa ngibahlale, ngoba kuyini okunye engingakwenza ngenxa yesono sabantu bami? **8** Ulimi lwabo lungumtshoko olobuthi, lukhuluma inkohliso. Lowo lalowo ukhuluma kuhle kubomakhelwane bakhe, kodwa enhliziyweni zabo bebathiya ngemijibila. **9** Kakufanele ngibajezisele lokhu na?” kubuza uThixo. “Kakufanele ngiphindisele esizweni esinjengalesi na?” **10** Ngizakhala ngililele izintaba ngibuye ngililele lamadlelo asenkangala. Atshabalele njalo kakho ohambela kuwo, lokubhonsa kwezinkomo akuzwakali.

Izinyoni zasemoyeni sezibalekile, lezinyamazana kazisekho. **11** “IJerusema ngizalena libe yinqumbi yonxiwa, isikhundla samakhanka, njalo ngizawadiliza amadolobho akoJuda ukuze kungabikhona ohlala kuwo.” **12** Nguphi umuntu ohlakaniphileyo ukuba akuzwisiwe lokhu? Ngubani ofundiswe nguThixo ongakuchaza? Kungani ilizwe litshabalalisiwe lachithwa njengenkangala ukuze kungadluli muntu kulo? **13** UThixo wathi, “Kungenxa yokuthi sebelahle umthetho wami engababekela wona; kabangilalelanga, lomthetho wami kabawulandelanga. **14** Esikhundleni salokho, bona balandele ubulukhuni bezinhliziyi zabo; balandele oBhali, njengokufundiswa kwabo ngoyise.” **15** Ngakho-ke, uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi: “Khangalani, abantu laba ngizabadlisa ukudla okubabayo ngibanathise lamanzi alobuthi. **16** Ngizabahlakazela ezizweni bona kanye laboyise abangazange bazazi, njalo ngizabalandela ngenkomba ngize ngibaqede du.” **17** UThixo uSomandla uthi: “Cabangani khathesi! Bizani abesifazane abalilayo beze, libize labo abalobuciko obumangalisayo. **18** Kabeze ngokuphangisa, basesililela amehlo ethu aze ehlise inyenyezi lempophoma zamanzi zigeleze, ziphuma enkopheni zethu.” **19** Ilizwi lokukhala liyewakala livela eZiyoni: “Yeka kunganani ukuchithakala kwethu! Yeka ubukhulu behlazo lethu! Kumele sisuke elizweni lethu ngoba izindlu zethu zidilizwe.” **20** Khathesi, lina abesifazane, zwanini ilizwi likaThixo, vulani indlebe zenu lizwe amazwi omlomo wakhe. Fundisani amadolodakazi enu ukulila, lifundisane amazwi okukhala. **21** Ukufa kukhwele kwangena ngamafastela ethu, njalo kungenile lasezinqabeni zethu, sekususe abantwana emigwaqweni kanye lamajaha ezindaweni zikazulu. **22** Tshono uthi, uThixo uthi, “izidumbu zabaflelo zizalala njengezibi egangeni, njengamabele aqunywe ngemva kovunayo, okungekho ozawubutha.” **23** UThixo uthi: “Ohlakaniphileyo kangazincinzi ngokuhlakanipha kwakhe, loba indoda elamandla izincome ngamandla ayo, loba indoda enothileyo izincome ngenotho yayo, **24** kodwa lowo ozincomayo, kazincome ngokuthi uyaqedisa njalo uyangazi, ukuthi mina nginguThixo, osebenzisa umusa, imfanelo lokulunga emhlabeni, ngoba lezizinto ziyangithokozisa,” kutsho uThixo. **25** UThixo uthi, “Insuku ziyeza, lapho engizabajezisa khona bonke abasoke enyameni kuphela, **26** iGibhithe, loJuda, lo-Edomi, lo-Amoni loMowabi labo bonke abahlala enkangala ezindaweni ezikhathshana. Ngoba izizwe zonke lezi kazisokanga, njalo lendlu yonke ka-Israyeli kayisokanga enhliziyweni.”

10 Zwana okutshiwo nguThixo kuwe, wena ndlu ka-Israyeli. **2** UThixo uthi: “Lingazifundi izindlela zezizwe kumbe ukwethuswa yizibonakaliso zasemkhathini, lanxa nje izizwe zisethuswa yizo. **3** Ngoba imikhuba yabantu iyize, bagamula isihlahla ehlahlani, ingcwethi isibaze ngetshizela yayo. **4** Bayasiccisa ngesiliva langegolide, basibethele ngesando langezipikili ukuze singanyikinyeki. **5** Njengezinto zokwethusa endimeni yamajodo, izithombe zabo azikhulumi, kumele zithwalwe

ngoba azingeke zihambe. Lingazesabi, azingeke zenze okubi, lokuhle azingeke zikwenze.” **6** Kakho ofana lawe, wena Thixo, wena umkhulu, lebizolako lilamandla amakhulu. **7** Ngubani ongeke akwesabe, wena Nkosi yezizwe? Lokhu kukufanele. Phakathi kwabantu bonke abahlakaniphileyo bezizwe lakuyo yonke imibuso yabo, kakho onjengawe. **8** Bonke kabalangqondo njalo bayizithutha, bafundiswa yizithombe zezigqondo eziyize. **9** Isiliva esikhandiweyo siyaletswa sivala eThashishi legolide livela e-Ufazi. Okwenziwe yingcwethi lomkhandi wegolide kugqokiswa okuluhlaza lokuyibubende, njalo konke kwenziwe zingcitshi. **10** Kodwa uThixo unguNkulunkulu oqotho, unguNkulunkulu ophilayo, iNkosi yaninini. Lapho ethukuthele, umhlaba uyagedezela, izizwe azingeke zimelane lolaka lwakhe. **11** “Batshele lokhu uthi, onkulunkulu laba, abangawenzanga amazulu lomhlaba, bazabhubha emhlabeni langaphansi kwamazulu.” **12** Kodwa uNkulunkulu wenza umhlaba ngamandla akhe, wamisa umhlaba ngokuhlakanipha kwakhe, njalo wendlala lamazulu ngokuqedisa kwakhe. **13** Lapho evungama, amanzi asemazulwini ayahlokoma, wenza amayezi aphakame evela emikhawulweni yomhlaba. Uthumela umbane ulezulu njalo akhuphe umoya eziphaleni zakhe. **14** Abantu bonke kabalangqondo njalo kabalawazi, wonke umkhandi wegolide uyangiswa yizithombe zakhe. Izithombe zakhe azenzayo ziyinkohliso, kazilamphefumulo phakathi kwazo. **15** Ziyize, izinto zenhlekisa nje, lapho ukwahlulelwa kwazo sekufikile, zizabhubha. **16** Lowo oyiNgenye kajakhobe kafani lalaba, ngoba unguMenzi wezinto zonke, kubalwa lo-Israyeli, isizwe selifa lakhe, ibizo lakhe nguThixo uSomandla. **17** Qoqani impahla yenu ukuba lisuke elizweni, lina elihlezi livinjezelwe. **18** Ngoba uThixo uthi, “Ngalesisikhathi ngizabaphosela phandle labo abahlala kulelizwe, ngizabehlisela usizi ukuze bathunjwe.” **19** Maye mina ngenxa yokulimala kwami! Inxeba lami kalelapheki! Ikanti ngazitshele ngathi, “Lo ngumkhuhlane wami, njalo kumele ngiwubekezelele.” **20** Ithente lami lidilizwe, izintambo zalo zonke ziqumekile. Amadodana ami asukile kimi njalo kawasekho, kakho oseleyo ukuba angimisele ithente lami, loba ongangilungisela amakhetheni ami. **21** Abelusi kabalangqondo njalo kabambuzi uThixo, ngakho kabaphumeleli, njalo lemihlambi yabo yonke ihlakazekile. **22** Lalelani! Umbiko uyeza, ukuxokozela okukhulu okuvela elizweni lenyakatho! Kuzakwenza amadolobho akoJuda achitheke, abe yizikhundla zamakhanka. **23** Ngiyazi, Oh Thixo, ukuthi ukuphila komuntu akusikho kwakhe, umuntu akusikho kwakhe ukuthi aqondise izinyathelo zakhe. **24** Ngiqondise Thixo, kodwa kube ngokulunga, kungabi ngolaka lwakho, hlezi ungenze ngibe yize. **25** Yehlisela ulaka lwakho phezu kwezizwe ezingakwamukeliyo, phezu kwabantu abangakhuleki ebizweni lakho. Ngoba bamdlile uJakhobe, bamdlile waphela bachitha lelizwe lakhe.

11 Leli yilizwi elafika kuJeremiya livela kuThixo lisithi: **2** “Zwana izimiso zesivumelwano lesi uzitshel abantu bakoJuda labalo abahlala eJerusalema. **3** Batshele uthi uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: ‘Uqalekisiwe umuntu ongalandeli izimiso zesivumelwano lesi, **4** izimiso engalaya ngazo okhokho benu ekubakhupheni kwami eGibhithe, esasisithando sokuncibilikisa insimbi.’ Ngathi, ‘Lalaneli ilizwi lami lenze konke engililaya khona, lizakuba ngabantu bami, mina ngibe nguNkulunkulu wenu. **5** Lapho-ke ngizagcwalisa isifungo sami engasifunga kubokhokho benu, ukubanika ilizwe eligeleza uchago loluju,’ ilizwe elihlezi kulo khathesi.” Ngaphendula ngathi, “Akube njalo Thixo.” **6** UThixo wasesithi kimi, “Memezela wonke amazwi la emadolobheni acoJuda lasemigwaqweni yaseJerusalema uthi: ‘Zwanini izimiso zesivumelwano lesi lizilande. **7** Kusukela ekukhupheni kwami okhokho benu eGibhithe kuze kube lamhla, ngabalaya njalondalo ngisithi, ‘Lalaneli ilizwi lami.’” **8** Kodwa kabazange balalele kumbe banake; esikhundleni salokho, bona balandela inkani yezinhliziyi zabo ezimbi. Ngakho ngabehlisela zonke izithuko zesivumelwano engangibalayela ukuba basilandele kodwa kabaze basigcina.” **9** UThixo wasesithi kimi, “Kulokuhlamuka okukhona ebantwini bakoJuda lakulabo abahlala eJerusalema. **10** Sebebuyele ezonweni zabokhokho babo, abalayo ukulalela amazwi ami. Balandele abanye onkulunkulu ukuba babakhonze. Indlu ka-Israyeli lendlu kaJuda, zombili zisephule isivumelwano engasenza labokhokho bazo. **11** Ngakho nanku akutshoyo uThixo: ‘Ngizabehlisela umonakalo abangeke baphephe kuwo. Lanxa sebekhala kimi kangiyikubalalela. **12** Amadolobho acoJuda labantu baseJerusalema bazakuyakhala kubonkulunkulu ababatshisela impepha, kodwa kabasozobasize ngalutho lapho uhlupho selubehlela. **13** Wena Juda ubunengi babonkulunkulu bakho bunjengobamadolobho akho, njalo lama-alithare owakhele ukutshisela impepha kulowonkulunkulu olihlazo, uBhali, ubunengi bawo bunjengobemigwaqo yaseJerusalema.’ **14** Abantu laba ungabakhulekeli kumbe ubakhulumele loba ubacelele, ngoba angiyikubalalela lapho bekhala kimi esikhathini sokuhlupheka kwabo. **15** Othandekayo wami wenzani ethempelini lami eceba amaqhinga amabi labanengi? Kambe inyama ebusiweyo ingaphuthisa ukujeziswa kwakho na? Lapho uphatheka ngobubi bakho, uyajabula.” **16** UThixo wakubiza ngokuthi uyisihlahla se-oliva esihlumileyo esilezithelo ezinhle. Kodwa ngokuhlokoma kwesiphepho esikhulu uzasithungela ngomlilo, ingatsha zaso zephuke. **17** UThixo uSomandla, owakuhlanyelayo, usememezele umonakalo kuwe, ngoba indlu ka-Israyeli lendlu kaJuda zenze okubi zangithukuthelisa ngokutshisela uBhali impepha. **18** Ngenxa yokuthi uThixo waveza icebo labo kimi, ngalazi, ngoba ngalesosikhathi wangitshengisa ababekwenza. **19** Ngangifana lewundlu elithambileyo lisiwa ekulhatshweni; ngangingazi ukuthi basebebumbe icebo ngami, besithi, “Kasiqumeni isihlahla kanye

lezithelo zaso; kasimsuseni elizweni labaphilayo, ukuze ibizo lakhe lingakhunjulwa futhi.” **20** Kodwa, wena, Thixo Somandla, wena owahlulela ngokulunga njalo uhlola inhliziyi lengqondo, yenza ngibone ukuphindisela kwakho kubo, ngoba isisusa sami ngisunikela kuwe. **21** Ngakho-ke nanku okutshiwo nguThixo mayelana labantu base-Anathothi abafuna ukukubulala besithi, “Ungaphrofethi ngebizo likaThixo funa sikubulale” **22** ngakho uThixo uSomandla uthi: “Ngizabajezisa. Amajaha akibo azabulawa yinkemba, amadodana lamadodakazi abo abulawe yindlala. **23** Akuyikuba khona osalayo kubo, ngoba ngizaletha incithakalo ebantwini base-Anathothi ngomnyaka wokujeziswa kwabo.”

12 Wena ulungile izikhathi zonke, Oh Thixo, lapho ngiletha indaba kuwe. Ikanti ngingakhuluma lawe ngokulunga kwakho: Kungani indlela yababi iphumelela na? Kungani abangathembekanga behlezi kuhle na? **2** Ubahlanyele, njalo sebemilile; bayakhula bathele izithelo. Bahlezi bekhuluma ngawe, kodwa ezinhliziyweni zabo ukhatshana. **3** Kodwa mina, Oh Thixo, uyangazi; uyangibona uhlole imicabango yami ngawe. Bahudule njengezimvu eziyahlatshwal Bami sele usuku lokubulawa! **4** Koze kube nini ilizwe lomile lotshani iganga lonke bubunile? Ngenxa yokuthi labo abahlala kulo babi, izinyamazana lezinyoni sezibhubhile. Kanti futhi abantu bathi, “Kasozakubone okwenzakala kithi.” **5** “Nxa ugijime labantu ngezinyawo bakudinisa, ungancintisana njani lamabhiza na? Nxa ukhubeka elizweni elingelangozi, pho uzakwanelisa njani ezixukwini zaseJodani na? **6** Abafowenu, abendlu yakwenu labo futhi bakunikele; baklabalale batsho okubi ngawe. Ungabathembi, lanxa bekhuluma kuhle ngawe. **7** Indlu yami ngizayitshiya, ngilidele ilifa lami; lowo engimthandayo ngizamnikela ezandleni zezitha zakhe. **8** Ilifa lami kimi selibe njengesilwane ehlathini. Liyangihwabelela; ngakho ngiyalizonda. **9** Ilifa lami kimi kaselibe njengenonyoni emabalabala edla inyama ehanqwa ngezinye izinyoni ezidla inyama, ziyihlasela na? Hamba uyebutsha zonke izinyamazana zeganga; uzilethe ukuba zidle. **10** Abelusi abanengi bazasichitha isivini sami bagandele insimu yami; bazaguqula insimu yami enhle ibe lugwadule oluphundlekileyo. **11** Izakwenziwa ugwadule, yome iphundlekile phambi kwami; ilizwe lonke lizachitheka ngoba kakho olinakayo. **12** Emiqolweni yonke engelalutho enkangala abachithi bazaphithizela, ngoba inkemba kaThixo izakudla kusukela komunye umkhawulo welizwe kusiya komunye; kakho ozavikeleka. **13** Bazahlanyelela ingqoloyi kodwa bavune ameva; bazazidinisa kodwa bangazuzi lutho. Ngakho wobani lenhloni ngesivuno senu ngenxa yolaka olwesabekayo lukaThixo.” **14** UThixo uthi: “Bonke omakhelwane bami ababi abathumba ilifa engalinika abantu bami bako-Israyeli, ngizabasusa emazweni abo ngisuse lendlu kaJuda phakathi kwabo. **15** Kodwa emva kokubasusa kwami, ngizaphinda ngibe lesihawu ngibuyisele omunye lomunye wabo endaweni eyilifa lakhe elizweni lakhe. **16** Bangazifunda kuhle

izindlela zabantu bami njalo bafunge ngebizo lami besithi, "Ngeqiniso elinjengoba uThixo ephila" lanxa nje bake bafundisa abantu bami ukufunga ngoBhali, bazahaliswa phakathi kwabantu bami. **17** Kodwa nxa isizwe singalaleli, ngizasisusa ngokupheleleyo ngisibhubhise," kutsho uThixo.

13 UThixo wathi kimi: "Hamba uyethenga ibhanti lelineni ubophe ukhalo lwakho ngalo, kodwa lingathinti amanzi." **2** Ngakho ngathenga ibhanti, njengokulaya kukaThixo, ngabopha ukhalo lwami ngalo. **3** Ilizwi likaThixo labuya lafika kimi ngokwesibili lathi: **4** "Thatha ibhanti olithengileyo obophe ngalo ukhalo lwakho, uye eYufathe, khathesi nje ulifihle khona eminkenkeni yamatshe." **5** Ngakho ngahamba ngayalifihla eYufathe, njengokutsho kukaThixo kimi. **6** Sekudlule insuku ezinengi uThixo wathi kimi, "Hamba khathesi eYufathe uyethatha ibhanti engathi lifihle khona." **7** Ngakho ngaya eYufathe ngagebha lapho engangifihle khona ibhanti, kodwa laselonakele impela lingaselasizo. **8** Lapho-ke kwafika ilizwi likaThixo kimi lisithi: **9** "UThixo uthi: 'Ngendlela efanayo ngizakuchitha ukuzigqaja kukaJuda lokuzigqaja okukhulu kweJerusalema. **10** Lababantu abangalunganga, abalayo ukulalela amazwi ami, abalandela ubulukhuni bezinhliziyo zabo badinge abanye onkulunkulu ukuba babasebenzele njalo babakhonze, bazakuba njengebhanti leli, bengelasizo loluncane! **11** Ngoba njengebhanti libopha ukhalo lomuntu, ngayibophela kanjalo kimi yonke indlu ka-Israyeli layo yonke indlu kaJuda, kutsho uThixo, ukuba babengabantu bami ngenxa yodumo lwami, ukubongwa lokudunyiswa. Kodwa kabalalelanga.'" **12** "Batshele uthi, 'UThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli uthi, zonke izikhumba zewayini kumele zigcwaliswe ngewayini.' Bona bangathi kuwe, 'Kanti thina kasikwazi yini ukuthi izikhumba zonke kumele zigcwaliswe ngewayini?' **13** wena uthi kubo, 'UThixo uthi: Ngizabenza badakwe bonke abahlala kulelizwe, kanye lamakhosi ahlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida, abaphristi, abaphrofethi labo bonke abahlala eJerusalema. **14** Ngizabamahlaza omunye komunye, oyise lamadodana ngokufananayo, kutsho uThixo. Angiyikuvumela isihawu loba umusa kumbe uzwelo ukuba kungivimbele ukubabhubhisa.'" **15** Zwanini lilalele, lingazigqaji, ngoba uThixo usekhulumile. **16** Dumisani uThixo uNkulunkulu wenu engakalethi ubumnyama, inyawo zenu zingakakhubeki emaqaneni asesembeswa yibumnyama. Lilindele ukukhanya, kodwa yena uzakwenza kube yibumnyama, akuphendule kube yibumnyama obesabekayo. **17** Kodwa nxa lingalaleli, ngizakhalalela ensitha ngenxa yokuzigqaja kwenu; amehlo ami azalila kabuhlungu, ageleze inyembezi, ngoba umhlambi kaThixo uzathunjwa. **18** Tshono enkosini lasendlovukazini uthi, "Yehlani ezihlalweni zenu zobukhosi lize phansi, ngoba imiqhele yenu emihle kakhulu izakuwa emakhanda enu." **19** Amadolobho aseNegebi azavalwa, njalo akuyikuba khona ozawavula. UJuda wonke uzathathwa asiwe ekuthunjweni, uzasiwa ekuthunjweni ngokupheleleyo. **20** Phakamisani amehlo

enu libone labo abavela enyakatho. Ungaphi umhlambi ababewugcinisiwe, izimvu elalizazisa ngazo na? **21** Lizakuthini lapho uThixo esebabeka phezu kwenu labo elabenza babangabangane benu abaqakathekileyo na? Kaliyikubanjwa yibuhlungu obufana lobowesifazane ehelelwa na? **22** Njalo nxa uzibuza usithi, "Kungani lokhu kwenzakele kimi na?" Kungenxa yezono zakho ezinengi ukuthi izidwaba zakho zidatshulwe lomzimba wakho waphathwa kubi. **23** UmTopiye angaliguqula yini ijwabu lakhe loba ingwe iguqule amabala ayo na? Lani lingeke lenze okuhle lina selajwayela ukwenza okubi. **24** "Ngizalihlakaza njengamakhoba ephetshulwa ngumoya wasenkangala. **25** Lokhu yikho okungokwenu, isabelo engilimisele sona," kutsho uThixo, "ngoba lingkihohliwe lathemba onkulunkulu bamanga. **26** Ngizaphekulela izidwaba zakho ebusweni bakho ukuba kubonakale ihlazo lakho, **27** ubufebe bakho lokububuliswa yisigwebo, ukufeba kwakho ungelanhloni! Ngizibonile izenzo zakho ezenyanyekayo phezu kwamaqqa lasegange. Maye kuwe, wena Jerusalema! Koze kube nini unghambulukanga na?"

14 Leli yilizwi likaThixo elifika kuJeremiya mayelana lokoma elizweni lisithi: **2** "UJuda uyayila, amadolobho akhe ayahlupheka; alilela ilizwe, njalo isililo siyaqonga sivela eJerusalema. **3** Izikhulu zithuma izinceku zazo ukuyafuna amanzi; ziya emithonjeni kodwa zifice amanzi engekho. Ziyabuyela lemigqomo yazo ingelalutho; zithithibele njalo zidanile, zemboze amakhanda azo. **4** Umhlambathi uqhekezekile ngoba akulazulu elizweni; abalimi bathithibele njalo bemboze amakhanda abo. **5** Lenyamazana ensikazi egangeni iyabalekela inkonyane layo elizwelo ngoba akulatshani. **6** Obabhemi beganga bema emiqolweni elugwadule bakhefuzele njengamakhanka; amehlo abo asefiphele ngenxa yokuswela amadlelo." **7** Lanxa izono zethu zifakaza kubi ngathi, Oh Thixo, ake wenze okunye ngenxa yebizo lakho. Ngoba ukuhlehlale kwethu emuva kunengi; sonile kuwe. **8** Oh Themba lika-Israyeli, uMhlengi wakhe ezikhathini zokuhlupheka, kungani usiba njengowezizweni elizweni, njengesihambi esihlala ubusuku obubodwa kuphela? **9** Kungani usiba njengomuntu ojuniweyo, lanjengebutho elingelamandla okusiza na? Ukhona phakathi kwethu, wena Thixo, njalo sibizwa ngebizo lakho; ungasilahl! **10** Nanku okutshiwo nguThixo ngalabantu: "Bayakuthanda kakhulu ukuntula; kabazibambi inyawo zabo. Ngakho uThixo kayikubamukela; khathesi uzakhumbula ububi babo abajezisele izono zabo." **11** UThixo wasesithi kimi, "Ungakhulekeli inhlalakahle yabantu laba. **12** Lanxa bezila ukudla, ukukhala kwabo angiyikukulalela; loba benikela iminikelo yokutshiswa kanye leminikelo yamabele, angiyikuyamukela. Esikhundleni salokho, ngizabaqeda du ngenkamba, ngendlela langezifo." **13** Kodwa mina ngathi, "Awu Thixo Wobukhosi, abaphrofethi bahlezi betatshela besithi, 'Kaliyikubona inkemba loba libulawe yindlela. Impela, ngizalipha ukuthula okungapheliyo kule indawo.'" **14** UThixo wasesithi kimi, "Abaphrofethi baphrofetha amanga

ngebizo lami. Angibathumanga njalo angibakhethanga kumbe ngikhulume labo. Baphrofetha imibono yamanga kini, ukuhlahlula, ukukhonza izithombe lenkohliso yezingqondo zabo. **15** Ngakho-ke, nanku okutshiwo nguThixo ngabaphrofethi abaphrofetha ngebizo lami ukuthi: Kangizange ngibathume, kodwa bona bathi, 'Akulankemba kumbe indlala ezathinta ilizwe leli.' Bona labo abaphrofethi bazabhujiswa ngenkemba langendlala. **16** Abantu abaphrofetha kubo bazaphoselwa phandle emigwaqweni yaseJerusalema ngenxa yendlala lenkemba. Akulamuntu ozabangcwaba kumbe omkabo, amadodana abo loba amadodakazi abo. Ngizabehlisela ingozi ebafaneleyo. **17** Khuluma ilizwi leli kubo uthi: 'Amehlo ami kawehlise inyembezi ebusuku lemini zingomi; ngoba indodakazi yami egcweleyo, labantu bami balimele kakhulu, balinyazwe yikutshaywa okwesabekayo. **18** Nxa ngingena elizweni, ngibona labo ababulawa ngenkemba; nxa ngingena edolobheni ngibona umonakalo owenziwa yindlala. Bobabili umphrofethi lomphristi sebye elizweni abangalaziyo.'" **19** UJuda usumlahle kokuphela na? IZiyoni uyalelisa na? Usitshayeleni kangaka size singelapheki na? Sasilindele ukuthula kodwa akulabuhle obaba khona, isikhathi sokwelatshwa kodwa kulokwesaba kuphela. **20** Awu Thixo, siyakuvuma ukona kwethu kanye lokona kwabokhokho bethu; impela sonile kuwe. **21** Ngenxa yebizo lakho ungasenyanyi; ungasigconi isihlalo sakho sobukhosi esihle kakhulu. Khumbula isivumelwano sakho lathi ungasephuli. **22** Zikhona yini izithombe eziyize zezizwe ezinganisa izulu na? Imikhathi yona ngokwayo iyalinisa izulu na? Hatshi, nguwe, Thixo Nkulunkulu wethu. Ngakho ithemba lethu likuwe, ngoba nguwe owenza konke lokhu.

15 UThixo wasesithi kimi, "Lanxa uMosi loSamuyeli bengema phambi kwami, inhliziyi yami ingeke iphendukele kulababantu. Basuse phambi kwami! Kabahambe! **2** Bangakubuzza bathi, 'Sizakuya ngaphi na?' uthi kubo, uThixo uthi: 'Abamiselwe ukufa, baya ekufeni; abenkemba, enkembeni; abendlala, endlaleni; abokuthunjwa, ekuthunjweni.' **3** Ngizabathumela imihlobo emine yabachithi," kutsho uThixo, "inkemba yokubulala lezinja zokuhudulela khatshana njalo lezinyoni zasemoyeni kanye lezinyamazana zeganga ukuba zidle zibhuqe. **4** Ngizabenza banengeke emibusweni yonke yasemhlabeni ngenxa yalokho okwenziwa eJerusalema nguManase indodana kaHezekhiya inkosi yakoJuda. **5** Ngubani ozakuba lesihawu kuwe wena Jerusalema? Ngubani ozakuhalela na? Ngubani ozakuma abuze ukuthi unjani na? **6** Ungalile," kutsho uThixo. "Uqhubeka uhlehlela emuva. Ngakho ngizabeka izandla phezu kwakho ngikuchithe; ngingeke ngibe lesihawu futhi. **7** Ngizabahlungula ngefologwe yokwela emasangweni amadolobho elizwe. Ngizaletha ukufelwa lokuchitheka ebantwini bami, ngoba kabaguqulanga izindlela zabo. **8** Ngizakwenza abafelokazi babo bande kakhulu kuletshebetshembe lasolwandle. Eminni ngizakwehlisela umbulali phezu kwabonina bamajaha akibo; khonokho ngizabehlisela

usizi lokwesaba. **9** Unina wabayisikhombisa uzaqaleka aphefumule okokucina. Ilanga lakhe lizatshona kusesemini; uzayangiswa njalo eyiswe. Izinsalela ngizaziqede ngenkemba phambi kwezitha zazo," kutsho uThixo. **10** Maye, wena mama, ngokuthi wangizala, mina muntu ilizwe lonke elibangisana laye njalo liphikisana laye! Kangikaze ngebolekise loba ngeboleke, kodwa bonke bayangithuka. **11** UThixo wathi, "Ngeqiniso ngizakukhulula ngenjongo enhle; ngeqiniso ngizakwenza izitha zakho zikuncenge ezikhathini zomonakalo lezokuhlupheka. **12** Umuntu angayiqamula insimbi, insimbi evela enyakatho kumbe ithusi na? **13** Inothi yakho lamatshe akho aligugu ngizakwenza kube yimpango, yamahala, ngenxa yezono zakho kulolonke ilizwe lakini. **14** Ngizakwenza ube yisigqili sezitha zakho elizweni ongalaziyo, ngoba ulaka lwami luzabhebha umlilo ozakutshisa." **15** Uyazwisisa wena Thixo; ngikhumbula ungikhathalele. Ungiphindiselele kwabangihluphayo. Uyabekezela, ungangigudluli; khumbula ukuthi ngithukwa njani ngenxa yakho. **16** Ekufikeni kwamazwi akho, ngawadla; ayeyintokozo yami lenjabulo yenhliziyi yami, ngoba mina ngibizwa ngebizo lakho, wena Thixo Nkulunkulu Somandla. **17** Kangizange ngihlale enhlanganisweni yabazithokozisayo, kumbe ngijabule labo; ngahlala ngedwa ngoba isandla sakho sasiphezu kwami njalo wawungenze ngagcwala intukuthelo. **18** Kungani ubuhlungu engibuzwayo bungapheli lenxeba lami lilibi kakhulu njalo lingelapheki na? Kimi uzakuba njengesifula esikhohlisayo, lanjengomthombo ongelamanzi na? **19** Ngakho uThixo uthi: "Ungaphenduka, ngizakubuyisela ukuze ungikhonze; nxa ukhuluma amazwi afaneleyo, hatshi angasizi lutho, uzakuba yisikhulumeli sami. Abantu laba kabaphendukele kuwe, kodwa wena akumelanga uphendukele kubo. **20** Ngizakwenza ube ngumduli kulababantu, umduli ovikelweyo wethusi; bazakulwa lawe kodwa kabayikukwehlula, ngoba mina ngilawe ukuba ngikuhlenge ngikusize," kutsho uThixo. **21** "Ngizakuhlenga ezandleni zababi ngikukhulule ezandleni zabalessihluku."

16 Ilizwi likaThixo lafika kimi futhi lisithi: **2** "Ungathathi mfazi ube lamadodana loba amadodakazi kule indawo." **3** Ngoba mayelana lamadodana lamadodakazi azalelwe kulelizwe kanye labesifazane abangonina lamadoda angoyise uThixo uthi: **4** "Bazakufa bebulawa yimikhuhlane eyesabekayo. Kabayikukhalelwa loba bangcwatshwe, kodwa bazakuba njengezibi emhlabathini. Bazabhubha ngenkemba langendlala, njalo izidumbu zabo zizakuba yikudla kwezinyoni zasemoyeni lezinyamazana zeganga." **5** Ngoba nanku akutshoyo uThixo: "Ungangeni endlini elokudla kwesililo; ungayilila kumbe utshengisele uzwelo, ngoba isibusiso sami, lothando lwami kanye lesihawu sami, sengikusile kulababantu," kutsho uThixo. **6** "Bonke abaphakemeyo labantukazana bazakufa kulelizwe. Kabayikuncwatsiswa kumbe bakhalelwe, njalo kakho ozazisika kumbe aphuce

ikhanda lakhe ngenxa yabo. **7** Kakho ozabanika ukudla ukuba abaduduze labo abalilela ofileyo, loba kunguyise kumbe unina, kakho lozabanika amanzi ukuba abaduduze. **8** Njalo ungangeni endlini eledili ukuba uhlale phansi udle unathe. **9** Ngoba uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Phambi kobuso bakho njalo ensukwini zakho ngizawuqeda umsindo wentokozo lokuthaba kanye lamazwi abalobokazi labayeni kule indawo. **10** Lapho abantu laba ubatshela konke lokhu besebekubiza besithi, 'Kungani uThixo esemise ukusehlisela inkemenkeme engaka na? Senze bubi bani na? Sono bani esisenze kuThixo uNkulunkulu wethu?' **11** wena wothi kubo, 'Kungenxa yokuthi okhokho benu bangifulathela,' kutsho uThixo, 'njalo balandela abanye onkulunkulu babasebenzela, babakhonza. Bangifulathela njalo kabayigcinanga imithetho yami. **12** Kodwa lina selenze okubi kakhulu kulabokhokho benu. Khangelani ukuthi lowo lalowo wenu uyilandela njani inkani yenhliziyi yakhe embi esikhundleni sokuthi angilalele. **13** Ngakho ngizalilahlela ngaphandle kwalelizwe elizweni lina loba oyihlo abangazange balazi, lapho elizakhonza khona abanye onkulunkulu emini lebusuku, ngoba angiyikuba lomusa kini.'" **14** UThixo uthi, "Kodwa insuku zizeya lapho abantu bengayikuthi, 'Ngeqiniso elinjengokuthi uThixo ukhona, yena owakhupha abako-Israyeli eGibhithe,' **15** kodwa bazakuthi, 'Ngeqiniso elinjengokuthi uThixo ukhona, yena owakhupha abako-Israyeli elizweni lasenyakatho lakuwo wonke amazwe ayebaxotshela kuwo.' Ngoba ngizababuyisela elizweni engalinika okhokho babo." **16** UThixo uthi, "Kodwa khathezi ngizathumela abagoli benhlanzi abanengi, bazababamba. Emva kwalokho ngizathumela abazingeli abanengi, bazabazingela ezintabeni zonke lasemaqeni wonke njalo lasezingoxweni zamadwala. **17** Amehlo ami akuzo zonke izindlela zabo; kabafihlakalanga kimi, lesono sabo kasiwacatshelanga amehlo ami. **18** Ngizaphindisela ngokuphindiweyo ububi babo lesono sabo, ngoba bangcolise ilizwe lami ngezinto ezingaphiliyo zezifanekiso zabo ezingamanyala, bagcwalisa lelifa lami ngezithombe zabo ezinengekayo." **19** Awu Thixo, mandla ami lenqaba yami, siphephelo sami ngesikhathi sokuhlupheka, izizwe zizakuza kuwe zivela emikhawulweni yomhlaba zithi, "Okhokho babengela lutho kodwa onkulunkulu bamanga, izithombe eziyize ezingabasizanga ngalutho. **20** Kambe abantu bayazenza onkulunkulu babo na? Ye, kodwa kayisibo onkulunkulu!" **21** "Ngakho ngizabafundisa, khathezi ngizabafundisa amandla ami lobukhulu bami. Lapho-ke bazakwazi ukuthi ibizo lami nguThixo."

17 "Isono sikaJuda sidwetshwe ngensimbi, sabhalwa ngomcijo wedayimani ezicecedwini zenhliziyi zabo lasempondweni zama-alithare abo. **2** Labantwababo bayawakhumbula ama-alithare abo lezinsika zika-Ashera phansi kwezihlahla eziluhlaza laphezu kwamaqaqa aphakemeyo. **3** Intaba yami eselizweni lenotho yenu kanye lemfuyo yenu yonke ngizakunikela kube yimpango, ndawonye lezindawo

zenu eziphakemeyo, ngenxa yokona kulolonke ilizwe lenu. **4** Ngenxa yezici zenu lizalahlekelwa yilifa engalinika lona. Ngizalenza libe yizigqili zezitha zenu elizweni elingalaziyo, ngoba livuse ulaka lwami, njalo luzavutha kuze kube nininini." **5** UThixo uthi: "Uqalekisiwe lowo othemba umuntu, othembe ukuthi amandla akhe asenyameni, onhliziyo yakhe ihlamukela uThixo. **6** Uzakuba njengesihlahlanyana enkangala; ukuphumelela kayikukubona ekufikeni kwakho. Uzahlala ezindaweni ezomileyo enkangala, elizweni letswayi elingahlali muntu. **7** Kodwa ubusisiwe umuntu othemba uThixo, othemba lakhe likuye. **8** Uzakuba njengesihlahla esihlanyelwe eduze lamanzi esinabisele impande zaso esifuleni. Kasesabi lapho ukuthisha kufika; amahlamvu aso ahlala eluhlaza. Kasikhathazeki ngomnyaka wokoma; kasiphuthi ukuthela izithelo." **9** Inhliziyo iyakhohlisa okudlula izinto zonke njalo imbi kakhulu. Ngubani ongayizwisisa na? **10** "Mina Thixo ngiyayihlola inhliziyo ngihlole lengqondo, ukuba umuntu ngimnike okufanele ukwenza kwakhe mayelana lalokho okufanele izenzo zakhe." **11** Umuntu ozuza inotho ngezindlela ezimbi unjengesikhwehle esichamisela amaqanda esingawaqandelanga. Lapho ingxenywe yokuphila kwakhe isidlule, izaphela, kuthi ekucineni abonakale eyisithutha. **12** Isihlalo sobukhosi, esikhazimulayo esaphakanyiswayo kusukela ekuqaleni, siyindawo yethu yokuphephela. **13** Awu Thixo, themba lika-Israyeli, bonke abakudelayo bazayangiswa. Labo abakuhlamukelayo bazabhalwa othulini ngoba bedele uThixo, umthombo wamanzi okuphila. **14** Ngisilisa, Thixo, njalo ngizasiliswa; ungikhulule, ngizakhululeka, ngoba nguwe engimdumisayo. **15** Bahlala besithi kimi, "Lingaphi ilizwi likaThixo na? Kaligcwaliseke khathezi!" **16** Angibalekanga ekubeni ngumelusi wenu; liyakwazi ukuthi angilufisanga usuku lokuphela ithemba. Okudlula endebeni zami kusobala kini. **17** Ungabi ngowesabekayo kimi; uyisiphephelo sami ngosuku lokuhlupheka. **18** Abangihluphayo kabayangiswe, kodwa mina ungivikele ehlazeni; kababe lokwesaba, kodwa mina ungivikele ekwesabeni. Balethele usuku lobubi. Ubabhuhise ngokuqothula okuphindiweyo. **19** UThixo wathi kimi: "Hamba uyekuma esangweni labantu, amakhosi akoJuda angena ngalo njalo aphume ngalo; ume futhi lakuwo wonke amanye amasango aseJerusalem. **20** Uthi kubo, 'Zwanini ilizwi likaThixo, lina makhosi akoJuda labo bonke abantu abahlala koJuda kanye labantu bonke abahlala eJerusalem abangena ngala amasango. **21** UThixo uthi: Qaphelani lingathwali mthwalo ngosuku lweSabatha loba liwungenise ngamasango aseJerusalem. **22** Lingaphumisi mthwalo ezindlini zenu kumbe lenze loba yiwuphi umsebenzi ngosuku lweSabatha, kodwa ligcine iSabatha lingcwele, njengokulaya kwami okhokho benu. **23** Kodwa kabalalelanga loba banake; izintamo zabo zazilukhuni njalo kabalalelanga kumbe bamukele ukulaywa. **24** UThixo uthi: Kodwa nxa liqaphele ukungilalela, lingangenisi mthwalo ngamasango edolobho leli ngeSabatha, kodwa ligcina usuku lweSabatha lungcwele ngokungenzi

msebenzi ngalo, **25** lapho-ke amakhosi ahlezi esihlalweni sobukhosi sikaDavida azangena lezikhulu zawo ngamasango edolobho leli. Wona lezikhulu zawo bazafika begade izinqola zempi lamabhiza, belabantu bakoJuda lalabo abahlala eJerusalem; bahlale kulo idolobho kuze kube nininini. **26** Abantu bazakuza bevela emadolobheni akoJuda lasemizini egqagqele iJerusalem, bevela elizweni lakoBhenjamini lasezintatshaneni zangasentshonalanga, bevela elizweni lamaqaqa laseNegebi, beletha iminikelo yokutshiswa lemihlatshelo, iminikelo yamabele, impepha kanye leminikelo yokubonga endlini kaThixo. **27** Kodwa nxa lingangilaleli ekuthini ligcine usuku lweSabatha lungcwele ngokungathwali mthwalo lapho lingena ngamasango aseJerusalem ngosuku lweSabatha, lapho-ke ngizaphemba umlilo ongacitshekiyo emasangweni eJerusalem ozaqothula izinqaba zalo.”

18 Leli yilizwi elafika kuJeremiya livela kuThixo lisithi: **2** “Suka wehlele endlini yombumbi, lapho engizakutshela khona ilizwi lami.” **3** Ngakho ngehlele endlini yombumbi, ngambona esebenza ngevili. **4** Kodwa imbiza ayeyibumba ngebumba yonakala ezandleni zakhe; ngakho umbumbi wayenza yaba ngenye imbiza, ngendlela ayibona ingcono kuye. **5** Ilizwi likaThixo laselifika kimi lisithi; **6** “Wena ndlu ka-Israyeli, ngingeze ngenza kuwe njengokwenziwa ngumbumbi lo na?” kutsho uThixo. “Njengebumba esandleni sombumbi lawe unjalo esandleni sami, wena ndlu ka-Israyeli. **7** Nxa ngimemezela langasiphi isikhathi ukuthi isizwe loba umbuso uzasuswa udilizwe, uchithwe, **8** kuthi isizwe leso engisixwayisileyo siphenduke ebubini baso, ngizaxola ngingabe ngisasehlisela ebesengimise ukusehlisela khona. **9** Njalo nxa ngesinye isikhathi ngimemezela ukuthi isizwe kumbe umbuso ngizawakha ngiwumise, **10** ube ususenza ububi emehlweni ami njalo ungangilaleli, ngizacabanga kutsha ngokuhle ebesengicebe ukukwenzela khona. **11** Ngakho khathezi tshela abantu bakoJuda lalabo abahlala eJerusalem uthi, ‘Nanku okutshiwo nguThixo: Khangelani! Ngilungisela ukulehlisela umonakalo njalo ngibumba lecebo ngani. Ngakho phendukani ezindleni zenu ezimbi, omunye lomunye wenu, lilungise izindlela zenu lezenzo zenu.’ **12** Kodwa bazaphendula bathi, ‘Akusizi lutho. Sizaqhubeke ngamacebo ethu; lowo lalowo wethu uzalandela ubulukhuni benhliziyo yakhe embi.’” **13** Ngakho uThixo uthi: “Buzani phakathi kwezizwe ukuthi: Ngubani owake wezwa okunjengalokhu na? Kwenziwe into eyesabekayo kakhulu, yenziwe yintombi egcweleyo u-Israyeli. **14** Ungqwaqwane waseLebhanoni uyake unyamalale emithezukweni yayo elamatshe na? Amanzi akhona aqandayo avela kude ayake eme ukugeleza na? **15** Kodwa abantu bami sebengikhohliwe; batshisela izithombe eziyize impepha, ezabenza bakhubeka ezindleni zabo lasemikhondweni yasendulo. Zabenza bahamba ngezindledlana zeganga lasemigwaqweni

engalungiswanga. **16** Ilizwe labo lizatsabalaliswa, into yokuhlekwa usulu; bonke abadlula khona bazakwethuka banyikinye amakhanda abo. **17** Njengomoya ovela empumalanga, ngizabahlakaza phambi kwezitha zabo; ngizabafulatshela ngibancitshe ubuso bami ngosuku lokuhlupheka kwabo.” **18** Bona bathi, “Wozani sicebe amacebo amabi ngoJeremiya; ngoba ukufundisa kwabaphristi umthetho akusoze kuphuthe, kumbe ukweluleka kwezikhakani, loba ilizwi elivela kubaphrofethi. Ngakho wozani, simhlasele ngemilomo yethu singananzi lutho alutshoyo.” **19** Ake ungizwe, awu Thixo; ulalele okutshiwo yizitha zami! **20** Okuhle kuphindiselwa ngokubi na? Ikanti sebengimbele igodi. Khumbula ukuba ngema phambi kwakho ngabakhulumela ukuba ususe ulaka lwakho kubo. **21** Ngakho-ke abantwababo banikele endlaleni; ubaqhubele emandleni enkemba. Abafazi babo kabangabiabantwana njalo babe ngabafelokazi; amadoda abo kawabulawe, amajaha akhona abulawe ngenkemba empini. **22** Kakuzwakale ukukhala ezindlini zabo, lapho usulethe abahlaseli ukuba babajume, ngoba sebegibhe igodi ukuba bangithumbe njalo bathiya inyawo zami ngemijibila. **23** Kodwa uyawazi, wena Thixo, wonke amaqhinga abo okungibulala. Ungabathetheleli amacala abo loba ucitshe izono zabo phambi kobuso bakho. Kabachithwe phambi kwakho; bahlasele ngesikhathi sokuthukuthela kwakho.

19 Lokhu yikho akutshoyo uThixo: “Hamba uyethenga udiwo kumbumbi wezimbi. Thatha abanye abadala babantu labanye babaphristi **2** uhambe labo esigodini seBheni-Hinomu, eduze lentuba yeSango loDengezi. Umemezele amazwi engikutshela wona, **3** uthi, ‘Zwanini ilizwi likaThixo, lina makhosi akoJuda lani bantu abahlala eJerusalem. UThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Lalelani! Ngizaletha umonakalo kule indawo ozabanda indlebe zomuntu wonke owuzwayo. **4** Ngoba bangidileli kwathi indawo le bayenza eyabonkulunkulu bezizweni; kuyo batshisele imihlatshelo onkulunkulu abangabaziyo, bona labokhokho babo kanye lamakhosi akoJuda, njalo indawo le sebayigcwalisa igazi labantu abangelacala. **5** Sebakhele uBhali izindawo eziphakemeyo ukuba batshise amadodana abo emlilweni njengeminikelo yokutshiswa kuBhali, into engingazange ngibalaye kumbe ngitsho ukuthi bayenze, kumbe ukuthi ike ifike engqondweni yami. **6** Ngakho qaphelani, insuku ziyeza, kutsho uThixo, lapho abantu bengayikubiza indawo le ngokuthi Thofethi loba iSigodi seBheni-Hinomu kodwa iSigodi sokuBulala. **7** Kuyonale indawo ngizawachitha amacebo kaJuda laweJerusalem. Ngizabenza bafe ngenkemba phambi kwezitha zabo, lasezandleni zalabo abafuna ukubabulala, njalo ngizanikela izidumbu zabo ukuba zibe yikudla kwezinyoni zasemoyeni lezinyamazana zeganga. **8** Idolobho leli ngizalichitha ngilenze libe yinto yokwesatshwa lenhlelisa; bonke abadlula khona bazathuthumela njalo baklolode ngenxa yamanxeba alo wonke. **9** Ngizabenza badle inyama yamadodana abo leyamadodakazi abo, njalo labo bazadlana inyama ngesikhathi esinzima

sokuvinjezelwa kwabo yizitha ezifuna ukubabulala.’
10 Emva kwalokho bulala udiwo labo abahamba lawe bekhangela, **11** ubususithi kubo, ‘uThixo uSomandla uthi: Ngizasiphahlaza isizwe lesi kanye ledolobho leli njengokuphahlazwa kodiwo lombumbi lolu olungeke lungiswe futhi. Abafileyo bazabangcwaba eThofethi kuze kusweleke indawo. **12** Lokhu yikho engizakwenza kule indawo lakulabo abahlala lapha, kutsho uThixo. Idolobho leli ngizalenza lifanane leThofethi. **13** Izindlu zaseJerusalema kanye lezamazakho si akajuda zizangcoliswa njengale indawo, iThofethi, zonke izindlu lapho abazatshele khona impepha phezu kwezimpahla kuwo wonke amaxuku ezinkanyezi, bathelela abanye onkulunkulu umnikelo wokunathwayo.” **14** UJeremiya wabuya evela eThofethi, lapho uThixo ayemthume ukuyaphrofetha khona, wasesima egumeni lethempeli likaThixo wathi ebantwini bonke, **15** “uThixo uSomandla, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: ‘Lalelani! Ngizakwehlisela kulidolobho lasemizini elizungezileyo wonke umonakalo engawutshoye, ngoba izintamo zabo zilukhuni njalo bayala ukulalela amazwi ami.”

20 Kwathi uPhashuri umphristi indodana ka-Imeri, induna enkulu ethempelini likaThixo, ezwe uJeremiya ephrofitha lezizinto, **2** wenza ukuthi uJeremiya umphrofethi atshaywe njalo wamvalela esitokisini eSangweni laPhezulu koBhenjamini ethempelini likaThixo. **3** Ngosuku olwalandelayo, uPhashuri esemkhupha esitokisini, uJeremiya wathi kuye, “Ibizo lakho oliphiwe nguThixo akusiPhashuri, kodwa uMagori-Misabibi, **4** ngoba uThixo uthi: ‘Ngizakwenza ubelucuku ngokwakho lakubo bonke abangane bakho; uzababona ngamehl akho besiya ngenkomba yezitha zabo. UJuda wonke ngizamnikela enkosini yaseBhabhiloni, ezabathumba ibase eBhabhiloni loba ibabulale ngenkomba. **5** Yonke inotho yedolobho leli ngizayipha izitha zabo lazozoneke izithelo zalo, zonke izinto zalo ezilugugu kanye lemfuyo yonke yamakho si akajuda zizayithumba njengempango ziyithwalele eBhabhiloni. **6** Wena Phashuri, labo bonke abahlala endlini yakho lizathunjwa liye eBhabhiloni. Uzafela khonale, ungawathwe khonale, wena kanye labangane bakho bonke ophrofetha amanga kubo.” **7** Awu Thixo, wangiyeza, ngayengeka; wangehlula wanqoba. Ngiyahlekwa insuku zonke; bonke bayangiklolodela. **8** Zonke izikhathi lapho ngikhuluma, ngiyakhala ngimemeza ukuba kule lodlakala lokuchitheka. Ngakho ilizwi likaThixo selingilethele isithuko lensolo ilanga lonke. **9** Kodwa nxa ngisithi, “Kangiyikumqamba loba ngikhulume ngebizo lakhe futhi,” ilizwi lakhe lisenhliziyweni yami njengomlilo, umlilo ovalelwe emathanjeni ami. Sengidiniwe ngokuligodla ngaphakathi; impela, ngingeke nganelise. **10** Ngizwa abanengi benyenyeka besithi, “Kulokuthuthumela indawo yonke! Mmangaleleni! Kasimangalele!” Abangane bami bonke balindele ukuwa kwami, besithi, “Mhlawumbe uzakhohliseka; besimehlula siphindisele kuye.” **11** Kodwa uThixo ulami njengebutho

elilamandla; ngakho abangihluphayo bazakuwa banganoqobi. Bazakwehluleka njalo bayangeke kakhulu; ihlazo labo kaliyikukhohlakala lanini. **12** Awu Thixo Somandla, wena ohlola abalungileyo, uhlole inhliziyo lengqondo, kangibone ukuphindisela kwakho kubo, ngoba indaba yami ngiyinikele kuwe. **13** Hlabelani uThixo! Limdimise uThixo! Uhlelga impilo yabaswelayo ezandleni zababini. **14** Kaluqalekiswe usuku engazalwa ngalo! Usuku umama angizala ngalo kalungabusiswa! **15** Kaqalekiswe umuntu owayabikela ubaba izindaba, owamemeza wathaba, esithi, “Uzalelwe indodana!” **16** Lowomuntu kabe njengamadolobho uThixo awachitha kungekho sihawu. Kezwe ukulila ekuseni, lomkhosi wempi emini. **17** Ngoba kangibulalelanga esiswini, umama enjengengcwaba lami, isisu sakhe sikhukhumele kokuphela. **18** Ngaphumelani esiswini ukuba ngibone uhlu pho losizi njalo akuthi ngiphethe insuku zami ngiphakathi kwehlazo?

21 Ilizwi lafika kuJeremiya livela kuThixo lapho uZedekhiya inkosi wayethume kuye uPhashuri indodana kaMalikhija lomphristi uZefaniya indodana kaMaseya. Bathi: **2** “Ake usibuzele kuThixo khathesi nje, ngoba uNebhukhadineza inkosi yaseBhabhiloni uyasihlasela. Mhlawumbe uThixo angasenzela izimanga njengasezikhathini ezedlulayo ukuze asuke kithi.” **3** Kodwa uJeremiya wathi kubo, “Tshelani uZedekhiya lithi: **4** ‘uThixo, uNkulunkulu ka-Israyeli, uthi: Sekuseduze ukuthi ngiziphendulele kuwe izikhali zempi ezisezandleni zakho, ozisebenzisayo ekulweni lenkosi yaseBhabhiloni lamaKhaladiya angaphandle komduli ekuvimbezele. Njalo ngizawaqoka phakathi kwaledolobho. **5** Mina uqobo ngizakulwa lawe ngesandla eselulweyo langengalo elamandla ngentukuthelo langokufuthelana kanye lolaka olukhulu. **6** Ngizabatshaya abahlala kulidolobho, abantu lezifuyo njalo bazabulawa yisifo esesabekayo. **7** Emva kwalokho, kutsho uThixo, uZedekhiya inkosi yakoJuda, lezikhulu zakhe kanye labantu bakulidolobho abaphepha emkhuhlaneni, enkembeni lasendlaleni, ngizabanikela kuNebhukhadineza inkosi yaseBhabhiloni lasezitheni zabo ezifuna ukubabulala. Uzababulala ngenkomba; kayikuba lomusa kumbe uzwelwe loba isihawu.” **8** Phezu kwalokho, abantu batshele uthi, ‘uThixo uthi: Khangelani, ngiyalimisela phambi kwenu indlela yokuphila lendlela yokufa. **9** Loba ngubani osala kulidolobho uzabulawa ngenkomba, yindlela loba ngumkhuhlane. Kodwa loba ngubani ophumayo kulo ayezinelwa kumaKhaladiya alivimbezeleyo uzasila, aphunyuke lokuphila kwakhe. **10** Sengiqonde ukwenza okubi kulidolobho hatshi okuhle, kutsho uThixo. Lizanikelwa ezandleni zenkosi yaseBhabhiloni, ezalitshabalalisa ngomlilo.’ **11** Phezu kwalokho, wothi endlini yenkosi yakoJuda, ‘Zwanini ilizwi likaThixo; **12** lina abendlu kaDavida, uThixo uthi: Yenzani ukulunga insuku zonke ekuseni; mhlengeni esandleni somncindezeli wakhe lowo ophangiweyo, hlezi ulaka

lwami luqubuke, lutshise njengomlilo ngenxa yobubi elibenzileyo, lutshise engekho ongalucitsha. **13** Ngimelane lawe, Jerusalema, wena ohlala ngaphezu kwalesisigodi, emagcekeni alamadwala, kutsho uThixo, lina elithi, “Ngubani ongazasihlasela na? Ngubani ongangena esiphephelweni sethu na?” **14** Ngizalijezisa njengokufanele izono zenu, kutsho uThixo. Ngizaphemba umlilo emahlathini enu ozalobisa konke okuseduze lani.”

phambi kwabo bonke. Wasesihlephuna wadla. **36** Bonke baqunga isibindi basebesidla labo. **37** Sisonke sasingabantu abangamakhulu amabili lamatshumi ayisikhombisa lesithupha emkhunjini. **38** Bathi sebedile basutha, baphungula ukusindwa komkhumbi ngokuchithela amabele olwandle. **39** Kwathi sokusile kabawunanzelelanga umhlabathi, kodwa babona itheku elaligcwele itshebetshebe, basebezimisela ukuthi umkhumbi bayewumisa khona nxa kuvuma. **40** Baquma insika bazitshiya zicwila olwandle, baphinda banyomula lezintambo ezazibambe okokugwedlisa. Basebephakamisa iseyili yaphambili beyiqondisa emoyeni, basebeqonda ekhunjini. **41** Kodwa umkhumbi watshayeleya esidulini setshebetshebe olwandle wahle wabhajwa. Isihloko sawo sathi ngxi phansi asabe sisanyikinyeka, ingemuva yona yahlakazeka itshaywa ngamagagasi. **42** Amabutho asesithi kungcono abulale izibotshwa ukuze kungabikhona esizantsheza sibaleke. **43** Kodwa umphathi wekhulu wayefuna ukuvikela impilo kaPhawuli, yikho wabalela ukuthi bakwenze lokho abasebekumisile. Walaya labo ababelamandla okuntsheza ukuba bazithele olwandle bona kuqala baqonde emhlabathini. **44** Inengi lalizandenda ngamapulanka liye khona loba ngasiqa bani somkhumbi. Ngale indlela wonke umuntu wafika emhlabathini ephephile.

28 Sathi sesiphephile safika emhlabathini, sezwa ukuthi isihlenge leso sasithiwa yiMalitha. **2** Abantu bakhona basiphatha ngomusa ongajayelekanga. Basemukela kuhle sonke, basibasela umlilo wekhanka ngoba izulu lalisina njalo kumakhaza. **3** UPhawuli watheza umnyaba wenkuni, wathi ebasela kwaphuma inhlangwana isixotshwa ngumlilo yahle yamthandela esandleni. **4** Abahlali besihlengi bathi bebona inyoka ilenga esandleni sakhe bakhulumisana besithi, “Indoda le iyisigebenga; ngoba loba isindile olwandle, unkulunkulukazi uKulunga kayivumelanga ukuthi iphile.” **5** Kodwa uPhawuli wayithintitha inyoka wayilabuhlela emlweni yena akaze alimala lakancane. **6** Abantu babelinde okwesikhathi eside bengaboni lutho olubi lusenzakala kuye, baguqula imicabango yabo basebesithi ungunkulunkulu. **7** Eduze kwalapho kwakulepulazi likaPhabhiliyasi, owayeyisikhulu esiphethe kuhle. Wasemukela ngesihle emzini wakhe, wasihlalisa khona okwensuku ezintathu esiphethe kuhle. **8** Uyise wayegula elele phansi ephethwe luquhuqo lesihudo. UPhawuli wayambona, kwathi esekhulekile, wambeka izandla wamsilisa. **9** Kwathi sekwenzakele lokhu, bonke abagulayo esihlengi beza basiliswa. **10** Basidumisa ngeziphu ezinengi, kwasekusithi sesilungela ukuwela basilungisela umphako owaneleyo. **11** Ngemva kwezinyanga ezintathu sangena olwandle sigade umkhumbi owawuchithe ubusika khona lapho. Wawungumkhumbi wase-Alekizandriya owawulophawu lwamakhandla amaphahla abonkulunkulu uKhasto loPholukhi. **12** Sakhuphukela eSirakhusi sahlala khona okwensuku ezintathu. **13** Sesisuka lapho sawela sayafika eRegiyumi.

Ngakusasa kwaphephetha umoya weningizimu, kwathi ngelanga elilandelayo sayafika ePhuthewoli. **14** Lapho safumana abazalwane abasicela ukuthi sihlale khona okweviki silabo. Sasesifika eRoma. **15** Abazalwane balapho basebezile ukuthi siyeza, ngakho bahamba baze bayafika eNkundleni yase-Aphiya laseziNkantini ezintathu besihlangabeza. Wathi ebabona lababantu uPhawuli wabonga uNkulunkulu njalo waqiniswa. **16** Sithe sesifikile eRoma, uPhawuli wavunyelwa ukuhlala yedwa, elindwe ngelilodwa ibutho. **17** Ngemva kwensuku ezintathu uPhawuli wabiza abakhokheli bamajuda. Bathi sebehlangene wathi kubo, “Bazalwane bami, loba ngingenzanga lutho olubi ebantwini bakithi kumbe olwephula imikhuba yabokhokho bethu, ngabotshwa ejerusalem nganikelwa kwabaseRoma. **18** Wona esengihlolile afisa ukungikhulula ngoba ngangingelacala loba elakuphi ukuganga okwakungafanela ukufa. **19** Kodwa kwathi ngoba amajuda ekwala lokho ngabona sekufanele ukuthi ngikhalaze kuKhesari; kungayisikho ukuthi ngasengimangalela abantu bakithi. **20** Ngalesizizatho ngicelile ukuthi ngilibone, ngikhulume lani. Kungenxa yethemba lika-Israyeli okwenza ngibotshwe ngale iketane.” **21** Baphendula bathi, “Kasitholanga zicwadi ezivela eJudiya mayelana lawe, njalo kakho umzalwane ovela khonale oke wabika kumbe wakhuluma ulutho olubi ngawe. **22** Kodwa sifuna ukuzwa imibono yakho, ngoba siyakwazi ukuthi ezindaweni zonke abantu bakhuluma kubi ngaloluhlelo lwenkolo.” **23** Balungiselela ukuhlalana loPhawuli ngelanga elithile elalibekiwe, njalo kweza abantu abanengi endaweni ayehlala kuyo. Kusukela ekuseni kwaze kwaba ntambama echaza umbuso kaNkulunkulu njalo efakaza ngokuseMthethweni kaMosi lakubaPhrofethi. Wazama njalo ukubazisa ngoJesu **24** Abanye basuthiseka ngalokhu ayekutsho, kodwa abanye kabazange bakholwe. **25** Baphikisana bona bodwa basebesuka ngemva kokuba uPhawuli esephethe inkulumbo yakhe ngokuthi, “Nxa uMoya oNgcwele wakhuluma iqiniso kubokhokho benu aze ukhulume ngomphrofethi u-Isaya ukuthi: **26** ‘Hamba kulababantu uyeukuthi, “Lizahlala lisizwa kokuphela, kodwa lingaqedisisi; lizahlala libona kokuphela kodwa lingabonisisi.” **27** Ngoba inhliziyi yalabantu isibuthundu; kabasezwa ngezindlebe zabo, njalo sebevale amehlo abo; ngoba bangaqabuka bebona ngamehlo abo, bezwe ngezindlebe zabo, baqedisise ngezinhliziyi zabo, baphenduke, lami ngibasilise.’ **28** Ngakho ngithanda ukuthi lazi ukuba insindiso kaNkulunkulu isithunyelwe kwabeZizwe, njalo bona bazalalela!” [**29** Ngemva kwalokhu, amajuda asuka, ephikisana wodwa kakhulu.] **30** UPhawuli wahlala khona okweminyaka emibili egcweleyo, ehlala endlini yakhe ayeloje kuyo, njalo esemukela ngesihle bonke ababesiza bezombona. **31** Watshumayela ngombuso kaNkulunkulu, wafundisa ngeNkosi uJesu Khristu ngesibindi njalo engaphazanyiswa muntu.

KwabaseRoma

1 UPhawuli, inceku kaKhristu uJesu, owabizelwa ukuba ngumpostoli njalo wahlukaniselwa ivangeli likaNkulunkulu, **2** ivangeli alithembisa ngaphambilini ngabaphrofethi bakhe emibhalweni engcwele **3** mayelana leNdodana yakhe, yona okuthi ngokwemvelo yayo yoluntu yayiyinzalo kaDavida, **4** njalo ngoMoya wobungcwele yabonakaliswa ngamandla ukuthi iyiNdodana kaNkulunkulu ngokuvuka kwayo kwabafileyo; uJesu Khristu iNkosi yethu. **5** Ngaye samukela umusa lobupostoli ukuba sinxusele abantu beZizwe bonke ekulaleleni okuza ngokukholwa ngenxa yebizo lakhe. **6** Lani futhi lingabanye babeZizweni ababizelwe ukuba babe ngabakajesu Khristu. **7** Kubo bonke abaseRoma abathandwa nguNkulunkulu njalo ababizelwe ukuba ngabangcwele bakhe: Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba laseNkosini uJesu Khristu kakube kini. **8** Kuqala ngibonga uNkulunkulu wami ngoJesu Khristu ngilibongela lani, ngoba ukukholwa kwenu kubikwa umhlaba wonke. **9** UNkulunkulu engimkhonza ngenhliziyo yami yonke ngokutshumayela ivangeli leNdodana yakhe, ungufakazi wami ekuthini ngilikhumbula kokuphela **10** emikhulekweni yami izikhathi zonke; njalo ngiyakhuleka khathezi ukuthi sengathi ekucineni ngentando kaNkulunkulu ngivulelwe indlela yokuza kini. **11** Ngiyafisa ukulibona ukuze ngilinye isipho somoya sokulinqisa, **12** okuyikuthi ngokufananayo lina lami siqiniseke lukholo lomunye wethu. **13** Kangifuni ukuba lingaze lazi, bazalwane, ukuthi sengaceba kanengi ukuba ngize kini (kodwa ngisehluleka ukwenzanalo kuze kube khathezi) ukuze ngibe lesivuno phakathi kwenu, njengalokhu engakwenzayo kwabanye abeZizweni. **14** Ngilomlandu kumaGrikhi lakwabangasiwo, kwabahlakaniphileyo labayiziwula. **15** Yikho-nje ngitshisekela ukutshumayela ivangeli lakini eliseRoma. **16** Kangilanhloni ngevangeli, ngoba lingamandla kaNkulunkulu okusindiswa kwabo bonke abakholwayo: kuqala amajuda, kulandele abeZizwe. **17** Ngoba ukulunga okuvela kuNkulunkulu kubonakaliswa evangelini, ukulunga okungokukholwa kusukela ekuqaleni kusiya ekucineni, njengoba kulotshiwe ukuthi: “Abalungileyo bazaphila ngokukholwa.” **18** Ulaka lukaNkulunkulu luyabonakaliswa luvela ezulwini kulabo abangalunganga kanye lobubi babantu abancindezela iqiniso ngobubi babo, **19** kalokho okungazakala ngoNkulunkulu kusobala kubo, ngoba uNkulunkulu ekwenze kwabasobala kubo. **20** Ngoba kusukela ekudalweni komhlaba isimo sikaNkulunkulu esingabonakaliyo, amandla akhe angapheliyo kanye lobuNkulunkulu bakhe, sekubonakele ngokusobala, kuzwisiseka ngokwenziweyo, ukuze abantu bangabi lasizatho sokuzigeza. **(aidios g126)** **21** Ngoba lanxa uNkulunkulu babemazi, kabamdumisa njengoNkulunkulu loba bambonge, kodwa imicabango yabo yaba yize lezinhliziyo zabo eziyiziwula zaba mnyama. **22** Lanxa bazenza

abahlakaniphileyo baba yizithutha **23** benana inkazimulo kaNkulunkulu ongafiyo ngemfanekiso eyenziwa yafana labantu abalokho ukufa lezinyoni lezinamazana kanye lezinanazana ezihluquzelayo. **24** Ngakho uNkulunkulu wabanikela esonweni sezinkanuko zezinhliziyi zabo zobufefe ngokwenza imzimba yabo ihlazo phakathi kwabo. **25** Benana iqiniso likaNkulunkulu ngamanga, badumisa bekhonza izinto ezadalwayo kuloMdali odunyiswa kuze kube nini lanini. Amen. **(aiōn g165)** **26** Ngenxa yalokhu, uNkulunkulu wabanikela ezinkanukweni ezilihlazo. Labesifazane bakibo benana imvelo yobudlelwano bemacansini ngokungasikho kwemvelo. **27** Ngokufanayo abesilisa labo badela ukuphathana kwemvelo labesifazane batshiseka ngokukhanyana. Abesilisa benza izenzo ezilihlazo lamanye amadoda, bazilethela isijeziso esifanele ukuxhala kwabo. **28** Phezu kwalokho, njengoba bengazange bacabange ukuthi kufanele bagcine ukumazi uNkulunkulu, wabanikela engqondweni yokuxhala, ukuba benze okungamelanga kwenziwe. **29** Sebegcwele ngokonakala konke, ububi, ubuhaga kanye lokuxhala. Bagcwele umhawu, lokubulala, lengxabano, lenkohliso kanye lolunya. Bangabanyeyayo, **30** labahlebi, labazonda uNkulunkulu, leziqholo, labazigqajayo kanye labazikhukhumezayo; baqala izindlela zokwenza okubi; badelela abazali babo; **31** kabaqedisisi, kabathembekanga, kabalathando njalo kabalamura. **32** Lanxa besazi isimiso esilungileyo sikaNkulunkulu sokuthi labo abenza izinto ezinje bafanele ukufa, kabaqhubeki nje kuphela besenza zona kanye lezizinto, kodwa bayavumelana njalo lalabo abazenzayo.

2 Ngakho-ke, kawulasizatho sokuzigeza wena owahlulela omunye, ngoba loba kungaphi owahlulela khona omunye, uyazigweba wena ngokwakho, ngoba wena owahlulelayo wenza izinto ezifanayo. **3** Siyakwazi ukuthi ukubahlulela kwakhe uNkulunkulu labo abenza izinto ezinje kweyame eqinisweni. **3** Ngakho lapho-ke, wena muntu nje, ubahlulela, kodwa usenza izinto ezifanayo, ucabanga ukuthi uzakubalekela ukwahlulela kukaNkulunkulu na? **4** Kumbé njalo weyisa ubukhulu bomusa wakhe, ukubekezela kanye lesineke sakhe, ungananzeleli ukuthi umusa kaNkulunkulu ujonge ukukusa ekuphendukeni na? **5** Kodwa ngenxa yobuqholo bakho lenhliziyo yakho engaphendukiyo, uziqoqela ulaka oluzakuhlupha ngosuku lolaka lukaNkulunkulu, lapho okuzabonakaliswa khona ukwahlulela kwakhe okulungileyo. **6** UNkulunkulu “uzakupha umvuzo emuntwini munye ngamunye ngokuhambelana lalokho akwenzileyo.” **7** Kulabo abaphikelela besenza okuhle bedinga inkazimulo, udumo kanye lokungabhubhi, uzakubanika ukuphila okulaphakade. **(aiōnios g166)** **8** Kodwa labo abazinqinekelayo labala iqiniso balandele ububi, kuzakuba lolaka lokuthukuthela. **9** Kuzakuba lokuhlupheka losizi emuntwini wonke owenza okubi, kuqala kumJuda kulandele koweZizweni, **10** kodwa inkazimulo, udumo kanye lokuthula kuye wonke owenza okulungileyo, kuqala kumJuda kulandele

koweZizweni. **11** Ngoba uNkulunkulu kalabandlululo. **12** Bonke abenza isono ngaphandle komthetho bazabhubha ngaphandle komthetho, njalo bonke abenza isono ngaphansi komthetho bazakwahlulelwa ngomthetho. **13** Ngoba akusilabo abezwa umthetho abalungileyo emehlweni kaNkulunkulu, kodwa yilabo abalalela umthetho okuzathiwa balungile. **14** (Ngempela, nxa abeZizwe, abangelawo umthetho, besenza ngokwemvelo izinto ezifunwa ngumthetho, bangumthetho bona ngokwabo, lanxa bengelawo umthetho, **15** njengoba bebonakalisa ukuthi okufunwa ngumthetho kulotshiwe ezinhliziyweni zabo, izazela zabo ziyafakaza, imicabango yabo ibasola iphinde ibavikele.) **16** Lokhu kuzakwenzakala ngosuku uNkulunkulu azakwahlulela imfihlo zabantu ngoJesu Khristu, njengokutsho kwevangeli lami. **17** Khathesi-ke wena, nxa uzibiza ngokuthi ungumJuda; nxa uthembe umthetho njalo uzincoma ngobudlelwane bakho loNkulunkulu; **18** nxa uyazi intando yakhe njalo uvumela okhule ngoba ufundiswe ngumthetho; **19** nxa ukholwa ukuthi ungumkhokheli weziphofu, ukukhanya kwalabo abasemnyameni, **20** umeluleki wezithutha, lomfundisi wezingane, ngoba kwezomthetho uhlanganisa ulwazi leqiniso, **21** ngakho wena ofundisa abanye, kambe lawe kawuzifundisi na? Wena othumayela ngokungebi, uyeba na? **22** Wena othi abantu bangafebi, uyafeba na? Wena owenyanya izithombe, uyawaphanga amathempeli na? **23** Wena ozincoma ngomthetho, uNkulunkulu uyamdelela ngokwephula umthetho na? **24** Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Ibizo likaNkulunkulu lihlanjaziwe phakathi kwabeZizwe ngenxa yakho.” **25** Ukusoka kuligugu nxa ugcina umthetho, kodwa nxa usephula umthetho, usufana lokuthi kawusokanga. **26** Nxa labo abangasokanga begcina imfanelo zomthetho, kabayikukhangelwa njengabasokileyo na? **27** Lowo ongasokanga ngokwenyama, kodwa elalela umthetho, uzakulahlala wena, okuthi lanxa ulomlayo olotshiweyo njalo usokile, ungumephuli womthetho. **28** Umuntu kasumJuda nxa enguye emehlweni kuphela, loba esokile emehlweni lenyameni kuphela. **29** Hatshi, umuntu ungumJuda nxa enguye ngaphakathi, lokusoka yikusoka kwenhliziyo, ngoMoya, hatshi ngomlayo. Ukubongwa komuntu onjalo akuveli ebantwini, kodwa kuNkulunkulu.

3 Pho yibungcono bani obukhona ekubeni ngumJuda, loba ligugu bani elikhona ekusokeni na? **2** Kukhulu ngezindlela zonke. Okokuqala amaJuda aphathiswe wona kanye amazwi kaNkulunkulu. **3** Kuba njani nxa abanye babo babengathembekanga? Ukungathembeki kwabo kungachitha ukuthembeka kukaNkulunkulu na? **4** Akunjalo! UNkulunkulu kabe qotho, umuntu wonke abe ngumqambi wamanga. Njengoba kulotshiwe ukuthi: “Ukuze ubonakaliswe ukuthi uqondile lapho ukhuluma, njalo unqobe lapho usahlulela.” **5** Kodwa nxa ukungalingi kwethu kusenza ukulunga kukaNkulunkulu kucace kakhulu, thina sizakuthini na? UNkulunkulu kalunganga ngokwehlisela ulaka lwakhe phezu kwethu na? (Mina ngikhuluma njengokubona

komuntu.) **6** Ngempela akunjalo. Aluba kwakunjalo, uNkulunkulu ubengawahlulela kanjani umhlaba na? **7** Omunye angaphikisa athi, “Nxa amanga ami ekhulisa ubuqotho bukaNkulunkulu ngalokho andise udumo lwakhe, kungani lokhe ngilahlwa njengesoni na?” **8** Kungani singathi njengoba sigconwa kuthiwa sitsho njalo futhi abanye bathi “Kasenzeni okubi ukuze kuvele okulungileyo na?” Ukulahlwa kwabo kufanele. **9** Pho sizaphetha ngokuthini na? Kambe sesingcono na? Hatshi akunjalo! Sesitshilo ukuthi umJuda loweZizwe bangokufanayo ngaphansi kwamandla esono. **10** Njengoba kulotshiwe ukuthi: “Kakho olungileyo, kakho loyedwa; **11** kakho ozwisisayo, kakho odinga uNkulunkulu. **12** Bonke baphambukile, bonke kabasazi ngalutho; kakho owenza okuhle, kakho loyedwa.” **13** “Imiphimbo yabo ingamangcwaba avulekileyo; inlimi zabo zisebenza ukukhohlisa.” “Ubuhlungu bezinhlangwana busezindebeni zabo.” **14** “Imilomo yabo igcwele ukuthuka lentukuthelo.” **15** “Inyawo zabo zilesiqubu ekuchitheni igazi; **16** incithakalo losizi kuphawula izindlela zabo, **17** indlela yokuthula kabayazi.” **18** “Ukumesaba uNkulunkulu akukho emehlweni abo.” **19** Siyakwazi ukuthi loba kuyini okutshiwo ngumthetho, ukutsho kulabo abangaphansi komthetho, ukuze imilomo yoni ithulise lomhlaba wonke ube lomlandu kuNkulunkulu. **20** Ngakho-ke, kakho okuzathiwa ulungile emehlweni akhe ngokugcina umthetho; kodwa ngomthetho siba lakho ukwazi isono. **21** Kodwa khathesi ukulunga okuvela kuNkulunkulu, ngaphandle komthetho, sekwaziwe, njalo kwafakazelwa nguMthetho labaphrofethi. **22** Ukulunga lokhu okuvela kuNkulunkulu kufika kubo bonke abakholwa kuJesu Khristu. Akulamehluko phakathi komJuda loweZizwe, **23** ngoba bonke bonile njalo bayasilela enkazimulweni kaNkulunkulu, **24** njalo bakhululwa ngomusa wakhe kudlula ngensindiso eyeza ngoKhristu uJesu. **25** UNkulunkulu wambeka njengomhlatshelelo wenhlawulo, ngokukholwa egazini lakhe. Wenza lokhu ukuze abonakalise ukulunga kwakhe, ngoba ngokubekezela kwakhe wayekela izono ezenziwe ngaphambilini kungekho kujeziswa, **26** wakwenzela ukubonakalisa ukulunga kwakhe ngalesisikhathi, ukuze abe ngolungileyo njalo onguye obenza babe ngabalungileyo labo abakholwa kuJesu. **27** Pho kungaphi ukuzincoma? Kutshiywe ngaphandle. Ngasimiso bani na? Esokugcina umthetho na? Hatshi, kodwa ngesokukholwa. **28** Ngoba siyaqinisa ukuthi umuntu ulungiswa yikukholwa langaphandle kokugcina umthetho. **29** UNkulunkulu unguNkulunkulu wamaJuda kuphela na? KasuNkulunkulu wabeZizwe njalo na? Yebo, ungoweZizwe futhi, **30** njengoba uNkulunkulu emunye kuphela, ozalungisa abasokileyo ngokukholwa labangasokanga ngalokho okufunwa okufanayo. **31** Pho, siyawuchitha umthetho ngalokhu kukholwa na? Hatshi, akunjalo! Kodwa, okuyikho yikuthi umthetho siyawusekela.

4 Pho sizakuthi kuyini u-Abrahama, ukhokho wethu, akufumanayo ngokwenyama kule indaba na? **2** Nxa, ngempela, u-Abrahama walungisiswa

ngemisebenzi, wayelakho okokuzincoma ngakho, kodwa hatshi phambi kukaNkulunkulu. **3** Kanje umbhalo uthini na? Uthi, “U-Abrahama wakholwa uNkulunkulu, njalo kwabalwa kuye njengokulunga.” **4** Nxa umuntu esebenza, umholo wakhe kawubalwa kuye njengesipho, kodwa njengomlandu. **5** Kodwa siyathokoza njalo ezinhlophekweni zethu, ngoba ikanti emuntwini ongasebenziyo kodwa ethemba uNkulunkulu owenza ababi balunge, ukukholwa kwakhe kubalwa njengokulunga. **6** UDavida utsho okufanayo lapho ekhuluma ngokubusiseka komuntu uNkulunkulu ambalela ukulunga ngaphandle kwemisebenzi, esithi: **7** “Babusisiwe labo oziphambeko zabo zithethelelewe, ozono zabo zisibekelwe. **8** Ubusisiwe lowo ongasoze abalelwe isono sakhe yiNkosi.” **9** Ukubusiseka lokhu ngokwabasokileyo kuphela, kumbe njalo lakwabangasokanga na? Kade sisithi ukukholwa kuka-Abrahama kwabalwa kuye njengokulunga. **10** Kwabalelwa kusiphi isimo na? Kwakungemva kokuba esesokile, loba ngaphambilini na? **11** Wamukela isibonakaliso sokusoka, uphawu lokulunga abalalo ngokulunga engakasoki. Ngakho-ke, unguyise wabo bonke abakhulwayo, kodwa bengasokanga, ukuze ukulunga kubalelwe kubo. **12** Njalo unguyise wabasokileyo futhi, abangasokanga nje kuphela, kodwa abahamba ezinyathelweni zokholo ubaba u-Abrahama ayelalo engakasoki. **13** Akuzanga ngomthetho ukuthi u-Abrahama lenzalo yakhe amukele isithembiso sokuthi uzakuba yindlalifa yomhlaba, kodwa kweza ngokulunga okuza ngokukholwa. **14** Ngoba nxa labo abaphila ngomthetho bezindlalifa, ukukholwa kakulasizo lesithembiso siyize, **15** ngoba umthetho uletha ulaka. Njalo lapho okungelamthetho khona akukho ukona. **16** Ngakho, isithembiso siza ngokukholwa, ukuze sifike ngomusa njalo siqiniseke kuyo yonke inzalo ka-Abrahama, hatshi kulabo abangabomthetho kuphela, kodwa njalo lakulabo abangabokholo luka-Abrahama. Ungubaba wethu sonke. **17** Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Sengikwenze waba nguyise wezizwe ezinengi.” Ungubaba emehlweni kaNkulunkulu akholwa kuye, yena onika abafileyo ukuphila njalo enze izinto ebezingekho zibe khona. **18** Kungekho themba, u-Abrahama ngethemba wakholwa waba nguyise wezizwe ezinengi, njengoba kwakutshiwo kuye ukuthi, “Izakuba njalo inzalo yakho.” **19** Engekethisanga ekukholweni kwakhe, wamelana lobuqotho bokuthi umzimba wakhe wawusufana lofileyo, njengoba wayeseleminyaka ephosa ibe likhulu ubudala kanye lokuthi isibeletho sikaSara laso sasesifile. **20** Waqiniswa ekukholweni kwakhe, wapha udumo kuNkulunkulu, **21** ekholwe ngokupheleleyo ukuthi uNkulunkulu wayelamandla okwenza lokho ayekuthembisile. **22** Yikho-nje “kwabalelwa kuye njengokulunga.” **23** Amazwi athi “kwabalelwa kuye” kawalotshelwanga yena yedwa, **24** kodwa lathi futhi, uNkulunkulu azabalela ukulunga kwethu, thina esikholwa kuye, yena owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafileyo. **25** Wanikelwa ekufeni ngenxa yezono zethu njalo wavuselwa ekuphileni ukuze silungisiswe.

5 Ngakho-ke, njengoba silungisiswe ngokukholwa, silokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, **2** esifinyelele ngaye umusa esimisi kuwo khathezi ngokukholwa. Njalo siyathokoza ngethemba enkazimulweni kaNkulunkulu. **3** Akunjalo kuphela, kodwa siyathokoza njalo ezinhlophekweni zethu, ngoba siyakwazi ukuthi ukuhlupheka kudala ukuqinisele; **4** ukuqinisele, ubuntu; lobuntu, ithemba. **5** Njalo ithemba kalisidanisi, ngoba uNkulunkulu uthethulele uthando lwakhe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele, asinike yena. **6** Liyabona, ngesikhathi esifaneleyo, lapho sisesebuthakathaka, uKhristu wafela abangakholwa kuNkulunkulu. **7** Kulivelakancane ukuthi umuntu afele umuntu olungileyo, lanxa kungaba lolesibindi sokufela umuntu olungileyo. **8** Kodwa uNkulunkulu ubonakalisa uthando lwakhe kithi ngalokhu: Siseseyizoni, uKhristu wasifela. **9** Njengoba khathezi sesilungisiswe ligazi lakhe, pho sizasindiswa kakhulu kangakanani olakeni lukaNkulunkulu ngaye! **10** Ngoba ngesikhathi sisaseyizitha zikaNkulunkulu, sabuyiselwa kuye ngokufa kweNdodana yakhe, kuzakuba kukhulu kangakanani, sesibuyiselwe, sahlengwa ngokuphila kwakhe! **11** Lokhu akunjalo nje kuphela, kodwa siyathokoza njalo kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Khristu, khathezi esesithole ngaye ukubuyisana. **12** Ngakho-ke, njengalokhu isono sangena emhlabeni ngomuntu oyedwa, lokufa ngesono, njalo ngale indlela ukufa kwafika ebantwini bonke, ngoba bonke bona. **13** Ngeqiniso isono saba khona emhlabeni umthetho ungakaphawulwa, kodwa isono kasibalelwa emuntwini umthetho ungekho. **14** Lanxa kunjalo, ukufa kwabusa kusukela ngesikhathi sika-Adamu kusiya esikhathini sikaMosi, kanye lakulabo abangazange benze isono ngokweqa umlayo, njengokwenziwa ngu-Adamu, owayengumfanekiso walowo owayezakuza. **15** Kodwa isipho kasifani lesiphambeko. Ngoba nxa abanengi bafa ngesiphambeko salowomuntu oyedwa, umusa kaNkulunkulu kanye lesipho eseza ngomusa walowomuntu oyedwa, uJesu Khristu, kwaphuphuma kakhulu okungakanani kwabanengi! **16** Njalo, isipho sikaNkulunkulu kasifani lalokho okudalwa yisono salowomuntu oyedwa. Ukwahlulela kwalandela isono esisodwa kwaletsha ukulahlwa, kodwa isipho salandela iziphambeko ezinengi saletha ukulungisiswa. **17** Ngoba nxa ngesiphambeko salowomuntu oyedwa, ukufa kwabusa ngalowomuntu oyedwa, labo abamukela umusa omnengi kaNkulunkulu kanye lesipho sokulunga bazabusa kakhulu okungakanani ekuphileni ngalowomuntu oyedwa uJesu Khristu. **18** Ngakho-ke, njengoba okwalandela isiphambeko esisodwa kwaba yikulahlwa kwabantu bonke, ngokunjalo isenzo sokulunga esisodwa saletha ukulungisiswa lokuphila kwabantu bonke. **19** Ngoba ngokungalaleli kwalowomuntu oyedwa abanengi baba yizoni, ngokunjalo futhi ukulalela kwalowomuntu oyedwa abanengi bazakwenziwa abalungileyo. **20** Umthetho wabekwa ukuze isiphambeko sande. Kodwa lapho okwanda khona isono, umusa wanda kakhulukazi, **21** ukuze kuthi njengoba isono sabusa ekufeni, kuthi

ngokunjalo umusa lawo ubuse ngokulunga ukuba ulethe ukuphila okungapheliyo ngoJesu Khristu iNkosi yethu. (aiōnios g166)

6 Ngakho, sizakuthini na? Sizaqhubeka sisenza isono ukuze umusa wande na? **2** Akunjalo! Safa ngenxa yesono; pho singaphila kanjani kuso futhi na? **3** Kumbi njalo kalazi yini ukuthi sonke thina esabhaphathizelwa kuJesu Khristu sabhaphathizelwa ekufeni kwakhe na? **4** Ngakho sangcwatshwa laye ngokubhaphathizelwa ekufeni, ukuze kuthi njengoba uKhristu wavuswa kwabafileyo ngobukhosi bukaYise, lathi siphile ukuphila okutsha. **5** Nxa sihlanganiswe laye kanje ekufeni kwakhe, ngempela sizahlanganiswa laye futhi ekuvukeni kwakhe. **6** Ngoba siyakwazi ukuthi ubuntu bethu obudala babethelwa laye ukuze umzimba wesono ulahlwe, khona singezukuba yizigqili zesono futhi, **7** ngoba lowo osefile usekhululwe esonweni. **8** Nxa saba loKhristu, siyakholwa ukuthi sizaphila laye. **9** Ngoba siyazi ukuthi njengoba uKhristu wavuswa kwabafileyo, angeke afe futhi; ukufa akuselawo amandla phezu kwakhe. **10** Ukufa akufayo wakufela bonke kanye ngenxa yesono; kodwa ukuphila akuphilayo, ukuphilela uNkulunkulu. **11** Ngokufanayo, zibaleni njengabafileyo esonweni, kodwa abaphilayo kuNkulunkulu ngoKhristu uJesu. **12** Ngakho lingavumeli isono ukuba sibuse imizimba yenu efayo ukuba livumele izinkanuko zaso ezimbi. **13** Linganikeli izitho zemizimba yenu esonweni njengezikhali zobubi, kodwa zinikeleni kuNkulunkulu njengabavuswe kwabafileyo balethwa ekuphileni; linikele izitho zemizimba yenu kuye njengezikhali zokulunga. **14** Ngoba isono kasiyikuba ngumbusi wenu, ngoba lina kalikho ngaphansi komthetho, kodwa ngaphansi komusa. **15** Pho-ke, sizakwenza isono ngoba kasikho ngaphansi komthetho, kodwa ngaphansi komusa na? Akunjalo! **16** Kalazi yini ukuthi nxa lizinikela komunye umuntu ukuba njengezigqili ezilaleyo, liyizigqili kulowo elimlalelayo, langabe liyizigqili zesono, okuholela ekufeni, loba ezokulalela, okuholela ekulungeni na? **17** Kodwa-ke, kabongwe uNkulunkulu ngokuthi lanxa laliyizigqili zesono, layilalela ngezinhliziyo ezipheleleyo indlela yemfundiso elabekwa kuyo. **18** Lakhululwa esonweni laselisiba yizigqili zokulunga. **19** Lokhu ngikubeka ngamazwi abantu ngoba libuthakathaka ngokwemvelo yobuntu benu. Njengoba lalinikela izitho zemizimba yenu njengezigqili emanyaleni lekuxhwaleni okwandayo, ngakho khathesi zinikeleni njengezigqili ekulungeni okuholela ebungcweleni. **20** Lapho laliyizigqili zesono, lalikhululekile emandleni okulunga. **21** Ngumvuzo bani elawutholayo ngalesosikhathi ezintweni eseliyangeka ngazo khathezi? Lezozinto ziphetha ngokufa! **22** Kodwa njengoba khathesi selikhululwe esonweni laba yizigqili kuNkulunkulu, umvuzo eliwutholayo uholela ebungcweleni, lesiphetho yikuphila okungapheliyo. (aiōnios g166) **23** Ngoba inhlawulo yesono yikufa, kodwa isipho sikaNkulunkulu siyikuphila okungapheliyo kuJesu Khristu iNkosi yethu. (aiōnios g166)

7 Kalazi yini bazalwane, ngoba ngikhuluma ebantwini abawaziyo umthetho, ukuthi umthetho ulamandla phezu komuntu nxa esaphila kuphela na? **2** Njengesibonelo, ngomthetho owesifazane owendileyo ubotshelwe kumkakhe nxa esaphila, kodwa umkakhe angafa, uyakhululwa emthethweni wokuthathana. **3** Kungakho-ke, angendela kwenye indoda umkakhe esaphila uthiwa yisifebe. Kodwa umkakhe angafa, uyakhululwa kulowomthetho angabi yisifebe, lanxa esendela kwenye indoda. **4** Ngakho-ke, bazalwane bami, lani lafela emthethweni ngomzimba kaKhristu, ukuze libe ngabomunye, kuye owavuswa kwabafileyo, ukuze sithole izithelo kuNkulunkulu. **5** Ngoba sisabuswa yimvelo elesono, izinkanuko zesono ezavuswa ngumthetho zazisebenza emzimbeni yethu, okwenza satholela ukufa izithelo. **6** Kodwa khathesi, ngokufela kulokho okwake kwasibopha, sesikhululiwe emthethweni ukuze sikhonze ngendlela entsha yoMoya hatshi ngendlela endala yezimiso ezilotshiweyo. **7** Ngakho sizakuthini na? Umthetho uyisono na? Ngempela kawusiso! Ngeqiniso mina ngangingasozwe ngazi ukuthi isono siyini kungesiwo umthetho. Ngoba ngangingayikwazi ukuthi ukuhawukela ngempela kuyini aluba umthetho ungatshongo ukuthi, “Ungahawukeli.” **8** Kodwa isono, sathatha ithuba elalethwa ngumlayo, saveza kimi inhlobo zonke zenkanuko yokuhawukela. Ngoba ngaphandle komthetho, isono sifile. **9** Mina ngake ngaphila ngaphandle komthetho; kodwa kwathi ekufikeni komlayo, isono savuka saphila, mina ngafa. **10** Ngathola ukuthi umlayo lowo owawuhlose ukuletha ukuphila waletha ukufa. **11** Ngoba isono sathatha ithuba elalethwa ngumlayo, sangikho hlisa, kwathi ngomthetho sangibulala. **12** Ngakho-ke, umthetho ungwele, lomlayo ungwele, ulungile njalo muhle. **13** Kanti lokho okuhle kube yikufa kimi na? Akunjalo! Kodwa ukuze isono sibonakale siyisono, saletha ukufa kimi ngalokho okwakukuhle, ukuze kuthi ngomlayo isono sibe yisono esipheleleyo. **14** Siyakwazi ukuthi umthetho ungokomoya; kodwa mina ngingowenyama, ngathengiswa esonweni njengesigqili. **15** Engikwenzayo angikuzwisisi. Ngoba lokho engifuna ukukwenza angikwenzi, kodwa lokho engikuzondayo ngiyakwenza. **16** Ngakho nxa ngisenza lokho engingafuni kukwenza, ngiyavuma ukuthi umthetho ulungile. **17** Njengoba kunje, akuseyimi uqobo okwenzayo, kodwa isono esihlala kimi. **18** Ngiyakwazi ukuthi akulutho oluhle oluhlala kimi, okutsho imvelo yami elesono. Ngoba ngilesifiso sokwenza okuhle, kodwa angingeke ngikufefe. **19** Ngoba engikwenzayo akusikho okuhle engifuna ukukwenza; hatshi, okubi engingafuniyo ukukwenza, lokhu ngiqhubeka ngikwenza. **20** Nxa ngisenza engingafuni kukwenza, akuseyimi okwenzayo, kodwa yisono esihlala kimi esikwenzayo. **21** Ngakho ngithola umthetho lo usebenza ukuthi: Lapho ngifuna ukwenza okuhle, okubi kulami khonapho. **22** Ngoba ebuntwini bami bangaphakathi ngiyathokoza ngomthetho kaNkulunkulu; **23** kodwa ngibona omunye umthetho usebenza ezithweni zami, usilwa

lomthetho wengqondo yami ungenza ngibe yisibotshwa somthetho wesono osebenzayo ezithweni zami. **24** Yeka isinonthongwana esengiyiso sona. Ngubani ozangihlenga kulo umzimba wokufa? **25** Kabongwe uNkulunkulu ngoJesu Khristu iNkosi yethu! Ngakho-ke, mina engqondweni yami ngiyisigqili somthetho kaNkulunkulu, kodwa ngokwemvelo yami yesono ngiyisigqili somthetho wesono.

8 Ngakho, khathesi akusekho ukulahlwa kulabo abakuKhristu uJesu, **2** ngoba ngoKhristu uJesu umthetho woMoya wokuphila wangikhulula emthethweni wesono lokufa. **3** Ngoba lokho umthetho owawungelamandla okukwenza ngoba waxegiswa yimvelo elesono, uNkulunkulu wakwenza ngokuthuma iNdodana yakhe ngesimo somuntu olesono ukuba ibe ngumnikelo wesono. Ngakho isono yasilahla emuntwini olesono, **4** ukuze izimiso ezilungileyo zomthetho zipheleliswe kithi, thina esingaphili ngokwemvelo yesono, kodwa ngokoMoya. **5** Labo abaphila ngokwemvelo yesono ingqondo zabo zigxile kulokho okufiswa yileyo mvelo, kodwa labo abaphila ngokwakoMoya ingqondo zabo zigxile kulokho okufiswa nguMoya. **6** Ingqondo yomuntu olesono yikufa, kodwa ingqondo ebuswa nguMoya yikuphila lokuthula; **7** ingqondo yimvelo yesono iyamzonda uNkulunkulu. Kayiwuvumi umthetho kaNkulunkulu, njalo ayingeke yenze njalo. **8** Labo ababuswa yimvelo yesono abangeke bamthokozise uNkulunkulu. **9** Kodwa lina kalibuswa yimvelo yesono, kodwa nguMoya, nxa uMoya kaNkulunkulu ehlala kini. Njalo nxa umuntu engelaye uMoya kaKhristu, kasuye kaKhristu. **10** Kodwa nxa uKhristu ekini, umzimba wenu ufile ngenxa yesono, kodwa umoya wenu uyaphila ngenxa yokulunga. **11** Njalo nxa uMoya walowo owavusa uKhristu kwabafileyo ehlala kini, yena owavusa uKhristu kwabafileyo, imizimba yenu efayo uzayinika ukuphila ngoMoya wakhe ohlala kini. **12** Ngakho-ke, bazalwane, silomlandu, kodwa kawungabi yimvelo yesono ukuba siphile ngokwawo. **13** Ngoba nxa liphila ngokwemvelo yesono, lizakufa; kodwa nxa kungoMoya libulala izenzo ezimbi zomzimba, lizaphila. **14** ngoba labo abakhokhelwa nguMoya kaNkulunkulu bangamadodana kaNkulunkulu. **15** Ngoba kalamukelanga umoya olenza libe yizigqili, ukuze liphile ngokwesaba, kodwa lamukela uMoya wobundodana. Njalo siyamemeza ngawo sithi, “Abha, Baba.” **16** UMoya uqobo uyafakaza lomoya wethu ukuthi thina singabantwana bakaNkulunkulu. **17** Ngakho, nxa singabantwana, sizindlalifa, izindlalifa zikaNkulunkulu lezindlalifa kanye loKhristu, nxa sihlanganyela laye impela ezinhlupekweni zakhe ukuze sihlanganyele laye njalo enkazimulweni yakhe. **18** Ngikhulwa ukuthi inhlupeko zethu zakhathesi kazifanelanga ukulinganiswa lenkazimulo ezabonakaliswa kithi. **19** Indalo ilindlele ngokulangazelela okukhulu ukuba abantwana bakaNkulunkulu babonakaliswe. **20** Ngoba indalo ihlezi ihlukuluzekile, kungasintando yayo, kodwa kungentando yalowo oyihlukuluzayo, ngethemba **21**

lokuthi indalo yona ngokwayo izakhululwa ebugqilini bokonakala ilethe enkululekweni elenzakimulo yabantwana bakaNkulunkulu. **22** Siyakwazi ukuthi indalo yonke ibubula njengosebuhlungwini bokuhelelwa kuze kube khathesi. **23** Akunjalo kuphela, kodwa lathi uqobo esilezithelo zakuqala zikaMoya, siyabubula ngaphakathi silindlele ngokutshiseka ukwamukelwa njengamadodana, ukuhlengwa kwemizimba yethu. **24** Ngoba ngalelithemba sasindiswa. Kodwa ithemba elibonakalayo kalisilothemba. Ngubani othemba lokho avele eselakho na? **25** Kodwa nxa sithemba lokho esingakabi lakho, siyakulindlele ngokubekezela. **26** Ngokufananayo, uMoya uyasisiza ebuthakathakeni bethu. Kasikwazi okumele sikukhulekele, kodwa uMoya uqobo uyasinxusela ububula okungeke kuchazwe ngamazwi. **27** Njalo yena lowo ohlola inhliziyi zethu uyayazi ingqondo kaMoya, ngoba uMoya uyabanxusela abangcwele ngokwentando kaNkulunkulu. **28** Njalo siyakwazi ukuthi ezintweni zonke uNkulunkulu usebenzela okuhle kulabo abamthandayo, ababizwe ngokwenjongo yakhe. **29** Ngoba labo uNkulunkulu abazi ngaphambilini wabamisela ukuba babe lesimo esifana leseNdodana yakhe, ukuze abe lizibulo phakathi kwabazalwane abanengi. **30** Labo abamiselayo, wababiza; labo ababizayo, wabenza balunga; labo abenza balunga, wabanika inkazimulo. **31** Pho sizakuthini ngalokhu na? Nxa uNkulunkulu elathi ngubani ongamelana lathi na? **32** Yena ongayigodlana iNdodana yakhe, kodwa wayinikelela thina sonke, angayekela kanjani ukusipha ngesihle izinto zonke kanye layo na? **33** Ngubani ozababeka icala labo abakhethwe nguNkulunkulu na? NguNkulunkulu olungisayo. **34** Ungubani lowo olahlayo? UKhristu Jesu owafayo, okudlula lokho, owavuswayo waphila, usesandeleni sokunene siNkulunkulu njalo laye uyasinxusela. **35** Ngubani ozasehlukanisa lothando lukaKhristu na? Yikuhlupheka kumbe ukudubeka loba ukuhlukuluzwa kumbe indlala loba ukuhamba ze loba ingozi kumbe inkemba na? **36** Njengoba kulotshiwe ukuthi: “Ngenxa yakho, sikhangelane lokufa ilanga lonke; sithathwa njengezimvu ezizahlathsha.” **37** Hatshi, kuzozonke lezizinto singaphezu kokuba ngabanqobi ngaye owasithandayo. **38** Ngoba ngiyakholwa ukuthi loba yikufa kumbe ukuphila, loba yizingilosi kumbe amadimoni, loba khathesi kumbe isikhathi esizayo, loba kungamandla bani, **39** loba kuyikuphakama kumbe ukuzika, loba olunye ulutho kukho konke okudaliweyo, akuyikusehlukanisa lothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu iNkosi yethu.

9 Ngikhuluma iqiniso ngikuKhristu, kangiqambi manga, isazela sami siyakufakaza lokhu ngoMoya oNgcwele, **2** Ngilosizi olukhulu lobuhlungu obungapheliyo enhliziyweni yami. **3** Ngoba ngangifisa ukuba ngabe mina uqobo ngiyaqalekiswa ngisuswe kuKhristu ngenxa yabazalwane bami, labo abohlanga lwami ngokwenyama, **4** abantu bako-Israyeli. Okwabo yikwamukelwa njengamadodana, ngeyabo inkazimulo

kaNkulunkulu, lesivumelwano, lokwamukela umthetho, lenkonzo yasethempelini kanye lezithembiso. **5** Okhokho ngababo, njalo lusukela kubo usendo lwenyama lukaKhristu, onguNkulunkulu ophezu kwakho konke, odunyiswa kokuphela! Amen. (aiōn g165) **6** Akunjengokuthi ilizwi likaNkulunkulu lehluleka. Ngoba akusibo bonke abayinzalo ka-Israyeli abangama-Israyeli. **7** Njalo ngoba yinzalo yakhe akusibo bonke abangabantwana baka-Abhrahama. Kodwa-ke, “Isizukulwane sakho sizabalwa ngo-Isaka.” **8** Ngamanye amazwi, akusibantwana benyama abangabantwana bakaNkulunkulu, kodwa ngabantwana besithembiso ababalwa njengenzalo ka-Abhrahama. **9** Ngoba isithembiso sathiwo kanje: “Ngesikhathi esimisiweyo ngizaphenduka, njalo uSara uzakuba lendodana.” **10** Akusilokho kuphela, kodwa abantwana bakaRabheka bazalwa sikhathi sinye ngubaba wethu u-Isaka. **11** Kodwa amaphahla engakazalwa loba ukwenza ulutho oluhle kumbe olubi, ukuba inhloso kaNkulunkulu yokukhetha iqhubeki; **12** hatshi ngemisebenzi kodwa ngaye obizayo, watshelwa ukuthi, “Omdala uzakhonza omncinyane.” **13** Njengoba kulotshiwe ukuthi, “UJakhobe ngamthanda, kodwa u-Esawu ngamzonda.” **14** Pho sizakuthini na? UNkulunkulu kalunganga na? Akunjalo! **15** Ngoba uthi kuMosi: “Ngizakuba lesihawu kulowo engilesihawu kuye, njalo ngizakuba lozwelo kulowo engilozwelo kuye.” **16** Ngakho-ke, akuyi ngesifiso somuntu loba umzamo wakhe, kodwa ngesihawu sikaNkulunkulu. **17** Ngoba umbhalo uthi kuFaro, “Ngakuphakamisela injongo yonale kanye, ukuze ngibonakalise amandla ami kuwe lokuthi ibizo lami litshunyayelwe emhlabeni wonke.” **18** Ngakho uNkulunkulu ulesihawu kulowo athanda ukuba lesihawu kuye, njalo umenza abe lukhuni lowo athanda ukumenza abe lukhuni. **19** Omunye wenu uzakuthi kimi: “Pho kungani uNkulunkulu esisola? Ngoba ngubani ongamelana lentando yakhe na?” **20** Kodwa ungubani wena, ungumuntu, ukuba uphendule uNkulunkulu na? Kambe okubunjiweyo kungatsho yini kulowo owakubumbayo kuthi, “Kungani wangenza ngabanje na?” **21** Umbumbi kalalo yini ilungelo lokuba ngengxenywe yebumba efanayo enze okunye okubunjiweyo okomsebenzi omuhle lokomsebenzi ojayekekileyo na? **22** Kwakungaba njani-ke nxa uNkulunkulu wakhetha ukutshengisa ukubekezela okukhulu ezidalweni zentukuthelo yakhe ezazimiselle ukubhujiswa etshengisa ulaka lwakhe lokwenza amandla akhe aziwe. **23** Kube kunjani nxa wenza lokhu ukuze enze ubuhle benkazimulo yakhe bazakale ezintweni zesihawu sakhe, azilungisela inkazimulo ngaphambilini, **24** kanye lathi asibizayo, hatshi kumajuda kuphela, kodwa lakwabeZizweni? **25** Njengoba esitsho kuHosiya ukuthi: “Ngizababiza ngokuthi ‘ngabantu bami,’ labo Abangasibantu bami; njalo ngizababiza ‘sithandwa sami,’ lowo ongasiso isithandwa sami,” **26** njalo, “Kuzakwenzakala ukuba kuyo kanye indawo lapho okwathiwa kubo, ‘Kalisibo bantu bami,’ bazabizwa ngokuthi ‘ngabantwana bakaNkulunkulu ophilayo.’” **27** U-Isaya uyamemezela

ngo-Israyeli esithi: “Lanxa inani labako-Israyeli linjengetshebetshebe ngasolwandle, kuzasindiswa insalela kuphela. **28** Ngoba iNkosi izasifeza isigwebu sayo emhlabeni ngesiqubu langokuphelelisa.” **29** Kunjengoba u-Isaya watsho mandulo ukuthi: “Aluba iNkosi uSomandla wayengasitshiyelanga inzalo, sasizakuba njengeSodoma, sasizafana leGomora.” **30** Pho sizakuthini na? Sithi abeZizweni abangakudinganga ukulunga, sebekutholile, ukulunga okungokukholwa; **31** kodwa u-Israyeli owalandela umthetho wokulunga, kakutholanga. **32** Kungani na? Ngoba kabawulandelanga ngokukholwa, kodwa kwakungemisebenzi. Bakhubeka elitsheni elikhubayo. **33** Njengoba kulotshiwe ukuthi: “Khangalani, ngibeka eZiyoni ilitshe elikhubekisa abantu ledwala elibenza bawe, njalo lowo okholwa kuye kazukuyangiswa.”

10 Bazalwane, isifiso senhliziyo yami lomkhuleko wami kuNkulunkulu ngabako-Israyeli yikuba basindiswe. **2** Ngoba ngingafakaza ngabo ukuthi batshisekela uNkulunkulu, kodwa ukutshiseka kwabo akugxilanga ekwazini. **3** Njengoba ukulunga okuvela kuNkulunkulu bengakwazanga bafuna ukumisa okwabo, kabavumanga ukuzibeka ngaphansi kokulunga kukaNkulunkulu. **4** UKhristu uyisiphetho somthetho ukuze kube lokulunga kubo bonke abakhulwayo. **5** UMosi ukuchaza ngale indlela ukulunga okungomthetho: “Umuntu owenza izinto lezi uzaphila ngazo.” **6** Kodwa ukulunga okungokukholwa kuthi: “Ungabokutsho enhliziyweni yakho ukuthi, ‘Ngubani ozakwenyukela ezulwini na?’” (okuyikuthi, ukwehlisa uKhristu) **7** “Loba, ‘Ngubani ozakwehlela ekuzikeni kolwandle na?’” (okuyikuthi, ukuvusa uKhristu kwabafileyo). (Abyssos g12) **8** Kodwa kuthini na? “Ilizwi liseduze lawe, lisemlonyeni wakho lasenhliziyweni yakho,” lokho yikuthi, ilizwi lokukholwa esilitshumayelayo: **9** nxa uvuma ngomlomo wakho usithi, “UJesu uyiNkosi,” njalo ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uzasindiswa. **10** Ngoba ukholwa ngenhliziyo yakho njalo ulungiswa ngayo, njalo kungomlomo wakho ovuma ngawo usindiswe. **11** Njengoba uMbhalo usithi, “Loba ngubani okholwa kuye akayikuyangiswa.” **12** Ngoba kawukho umahluko phakathi komJuda loweZizwe, iNkosi yinye iyiNkosi yabo bonke njalo iyababusisa kakhulu bonke abakhuleka kuyo, **13** ngoba, “Wonke obiza ibizo likaThixo uzasindiswa.” **14** Pho, bangakhuleka kanjani kulowo abangakhulwa kuye? Njalo bangakhulwa njani kulowo abangakaze bezwe ngaye na? Njalo bangezwa njani kungekho othumayela kubo na? **15** Njalo bangatshumayela njani ngaphandle kokuba bethunyiwe na? Njengoba kulotshiwe ukuthi, “Yeka ubuhle bezinyawo zalabo abaletha izindaba ezinhle!” **16** Kodwa akusibo bonke abako-Israyeli abazamukelayo izindaba ezinhle. Ngoba u-Isaya uthi, “Nkosi, ngubani olikholiweyo ilizwi lethu na?” **17** Ngakho-ke, ukukholwa kuvela ekuzweni ilizwi, lelizwi lizwakala ngelizwi likaKhristu. **18** Kodwa ngiyabuzwa ngithi: Kabezwanga na? Impela bezwa ukuthi: “Ilizwi labo liphumile laya

kuwo wonke umhlaba, amazwi abo emikhawulweni yomhlaba.” **19** Ngiyabuza njalo ngithi: U-Israyeli kaqedisisanga na? Kuqala uMosi uthi, “Mina ngizalenza libe lomona kulabo abangasiso sizwe; ngizalenza lithukuthelele isizwe esingelakho ukuqedisisa.” **20** Lo-Isaya ukhuluma ngesibindi uthi, “Ngatholwa yilabo ababengangidingi; ngazibonakalisa kulabo abangangicelanga.” **21** Kodwa mayelana lo-Israyeli uthi, “Ilanga lonke ngelulele izandla zami ebantwini abangalaleliyo labayiziqholo futhi.”

11 Lapho-ke ngiyabuza ngithi: Kanti uNkulunkulu wabalahla yini abantu bakhe? Hatshi akunjalo! Mina uqobo ngingum’Israyeli inzalo ka-Abrahama, owesizwana sikaBhenjamini. **2** UNkulunkulu kabalahlanga abantu bakhe abazi kuqala. Kalikwazi yini ukuthi uMbhalo uthini esahlukwaneni ngo-Elija, ukuthi wakhazaza njani kuNkulunkulu esola u-Israyeli esithi: **3** “Nkosi, bababulele abaphrofethi bakho, badiliza lama-alithare akho; yimi ngedwa engiseleyo, njalo bafuna ukungibulala?” **4** Impendulo kaNkulunkulu kuye yathini na? Yathi, “Ngizigodilele mina ngokwami abazinkulungwane eziyisikhombisa abangamkhothamelanga uBhali.” **5** Ngakho futhi, ngalesisikhathi kulensalela ezakhethwa ngomusa. **6** Njalo nxa kungomusa, ngakho akuseyikho ngemisebenzi; nxa kwakunjalo, umusa wawungeke ube usaba ngumusa. **7** Pho-ke? Lokho u-Israyeli akufuna ngokuzimisela kakuzuzanga, kodwa abakhethiweyo bakuthola. Abanye baba lukhuni, **8** njengoba kulotshiwe ukuthi: “UNkulunkulu wabanika umoya wokozela, lamahlo ukuze bangaboni, lendlebe ukuze bangezwa, kuze kube lamhla.” **9** Njalo uDavida uthi: “Sengathi itafula yabo ingaba ngumjibila lesifu, isikhubekiso kanye lesijejiso kubo. **10** Sengathi amehlo abo angafiphala ukuze bangaboni, lamaqolo abo akhokhobe kokuphela.” **11** Ngiyabuza njalo ngithi: Kambe bangabe bakhubeka bawa okungangokuthi kakuselakuphepha na? Akunjalol! Kodwa ngenxa yesiphambeko sabo, ukusindiswa sekufikile kwabeZizwe ukuba kwenze u-Israyeli abe lomona. **12** Kodwa nxa isiphambeko sabo sisitsho inotho emhlabeni, lencithakalo yabo isitsho inotho kwabeZizwe, inkulu kangakanani inotho elethwa yikuphelela kwabo! **13** Ngikhuluma lani lina abeZizwe. Njengoba ngingumpostoli wabezizwe, ngikhulisa inkonzo yami **14** ngethemba lokuthi mhlawumbe ngingavusa umona ebantwini bakithi ngisilise abanye babo. **15** Ngoba nxa ukulahlwa kwabo kuyikubuyisana komhlaba, ukwamukelwa kwabo kuzakuba yini na ngaphandle kokuphila okuvela kwabafileyo? **16** Nxa ingxenye yenhlama enikelwe njengezithelo zakuqala ingcwele, injalo yonke enye; nxa impande zingcwele, zinjalo lezingatsha. **17** Nxa ezinye ingatsha zephulwe, njalo wena, lanxa ulihlumela lom’oliva weganga, usuxhunyelelewe phakathi kwezinye njalo usuhlanganyela emhluzini okhulisayo ovela empandeni zom’oliva, **18** ungazincomi ngalezongatsha. Nxa ukwenza, cabanga ngalokhu: Impande kakuswe oyithwalayo, kodwa impande yiyo ekuthweleyo. **19** Lapho-ke lina lizakuthi, “Ingatsha zephulwa ukuze

mina ngixhunyelelwe.” **20** Yebo. Kodwa zephulwa ngenxa yokungakholwa, kodwa lina limi ngokukholwa. Lingazikhukhumezi, kodwa yesabani. **21** Ngoba nxa uNkulunkulu engaziyekelelanga ingatsha zemvelo, lani kasoze aliyekele. **22** Ngakho cabangani ngesisa njalo lobulukhuni bukaNkulunkulu: ubulukhuni kulabo abawayo, kodwa isisa kini, nxa liqhubeka esiseni sakhe. Kungenjalo, lani lizaqunywa. **23** Njalo nxa bengaphikeleli ngokungakholwa, bazaxhunyelelwa, ngoba uNkulunkulu uyenelisa ukubaxhumelela futhi. **24** Phezu kwalokho, nxa laliqunywe esihlahleni som’oliva weganga ngemvelo, kwathi ngokuphambene lemvelo laxhunyelelwa esihlahleni se-oliva esilinywayo, pho kuzakuba lula kakhulu okunjani kulezi, ingatsha zemvelo, ukuba zixhunyelelwe esihlahleni sazo se-oliva. **25** Bazalwane, kangifuni ukuthi lingaze lazi ngale imfihlakalo, ukuze lingazikhukhumezi: U-Israyeli useyibonile ingxenye yokuba lukhuni inani elipheleleyo labeZizwe lize lingene. **26** Ngokunjalo u-Israyeli wonke uzasindiswa, njengoba kulotshiwe ukuthi: “Umkhululi uzafika eZiyoni: uzasusa kuJakhobe ukungakholwa. **27** Lesi yisivumelwano sami labo lapho ngizisusa izono zabo.” **28** Mayelana levangeli, bayizitha ngenxa yenu; kodwa mayelana lokukhetha, bayathandwa ngenxa yabokhokho, **29** ngoba izipho zikaNkulunkulu lokubiza kwakhe akuguquleki. **30** Njengoba lina elake ladelela uNkulunkulu khathesi selamukele umusa ngenxa yokudelela kwabo, **31** ngokunjalo labo, ngenxa yomusa kaNkulunkulu kini, kabasalaleli ukuze labo khathesi bamukele umusa. **32** Ngoba uNkulunkulu ubophele abantu bonke ekudeleleni ukuze abe lomusa kubo bonke. (eleēsē g1653) **33** Yeka ukuzika kwenotho yenhlananipho kanye lokwazi kukaNkulunkulu! Yeka ukwahlulela kwakhe okungeke kuhlolwe, kanye lezindlela zakhe ezingeke zilandelwe! **34** “Ngubani owake wayazi ingqondo yeNkosi na? Loba owake waba ngumcebisi wayo na?” **35** “Ngubani owake wanika uNkulunkulu ulutho ukuba uNkulunkulu aluhlawule na?” **36** Ngoba izinto zonke zivela kuye langaye njalo futhi zikuye. Udumo kalube kuye kuze kube laphakade! Amen. (aiōn g165)

12 Ngakho-ke, ngiyalincenga bazalwane, ngenxa yomusa kaNkulunkulu, ukuba linikele imizimba yenu njengemihlatshelo ephilayo, engcwele lemhokozisayo uNkulunkulu, okuyikuhonza kwenu ngomoya. **2** Lingavumi futhi ukulingisa umhlaba lo, kodwa liguqulwe ingqondo zenu zibe zintsha. Lapho-ke lizakwenelisa ukuhlola lokwamukela lokho okuyintando kaNkulunkulu, intando yakhe elungileyo, ethokozisayo lepheleleyo. (aiōn g165) **3** Ngoba ngomusa engiwuphiweyo ngithi kini lonke: Lingacabangi ngokuzazisa kakhulu ukwedlula okufaneleyo, kodwa lizicabangele ngokuqonda, ngokuhambelana lesilinganiso sokukholwa uNkulunkulu aliphe khona. **4** Njengalokhu omunye lomunye wethu elomzimba owodwa olezitho ezinengi, njalo izitho lezi zonke kazenzi msebenzi ngeni, **5** Ngokunjalo kuKhristu thina abanengi sibumba umzimba owodwa, njalo ilunga

linye ngalinye ngelawamanye wonke. **6** Silezipho ezehlukeneyo, kusiya ngomusa esawuphiwayo. Nxa isipho somuntu siyikuphrofitha, kasisebenzise ngokulingana lokukholwa kwakhe. **7** Nxa siyikukhonzisa, kakhonze: nxa siyikufundisa, kafundise; **8** nxa singesokukhuthaza, kakhuthaze; nxa siyikupha, kasiphe ngothando; nxa siyibukhokheli, kabuse ngokukhuthala; nxa siyikubonakalisa umusa, kakwenze ngokuthokoza. **9** Uthando kumele lube qotho. Zondani okubi libambebele kokulungileyo. **10** Zimiseleni omunye komunye ngothando lobuzalwane. Hloniphani okudlula ukuzihlonipha kwenu. **11** Lingaphelelwa yikutshiseka, kodwa gcinani ukutshiseka kwenu komoya, likhonza iNkosi. **12** Thokozani ekwethembeni, libekezele ekuhlukuluzweni, libambebele ekukhulekeni. **13** Bapheni abantu bakaNkulunkulu abaswelayo. Zeywayezeni ukuphana. **14** Babusisani labo abaliluhphayo; busisani lingaqalekisi. **15** Thokozani labalo abathokozayo, lilile labalo abalilayo. **16** Hlalisani ngokuzwana. Lingazigqaji, kodwa lihlanganye labantukazana. Lingazikhukhumezi. **17** Lingaphindiseli muntu okubi ngokubi. Nanzelelani ukwenza okulungileyo phambi kwabantu bonke. **18** Nxa kusenzakala, kusiya mayelana lokubona kwenu, hlalani ngokuthula labantu bonke. **19** Lingaphindiseli, bangane bami abathandekayo, kodwa litshiyele ulaka lukaNkulunkulu ithuba, ngoba kulotshiwe ukuthi: “Ukuphindisela ngokwami; ngizabuyisela,” kutsho iNkosi. **20** Esikhundleni salokho: “Nxa isitha sakho silambile, siphe ukudla; nxa somile, sinikeni okunathwayo. Ngokwenza lokhu, lokhela amalahlle avuthayo ekhanda laso.” **21** Linganqotshwa ngokubi, kodwa ngobani ububi ngobuhle.

13 Umuntu wonke kumele azithobe kulabo ababusayo, ngoba akukho mbuso ngaphandle kwalowo obekwe nguNkulunkulu. Imibuso ekhona ibekwe nguNkulunkulu. **2** Ngakho, lowo ovukela umbuso uvukela okumiswe nguNkulunkulu, njalo labo abenza njalo bazilethela ukwahlulelwa. **3** Ngoba ababusi kabesabeki kulabo abenza okulungileyo, kodwa kulabo abenza okubi. Liyafuna ukukhululeka ekwesabeni lowo obusayo na? Ngakho yenzani okulungileyo yena uzalincoma. **4** Ngoba yena uyinceku kaNkulunkulu yokulenzela okuhle. Kodwa nxa lisenza okubi, yesabani, ngoba inkemba kayiphatheli ize. Uyinceku kaNkulunkulu, umeli wentukuthelo ukuba ehlixele isijeziso kowenza okubi. **5** Ngakho, kuyaswelakala ukuzithoba kubabusi, hatshi kuphela ngenxa yokujekiswa okungenzakala, kodwa langenxa yesazela. **6** Ngenxa yalokhu futhi yikho-nje lithela imithelo, ngoba ababusi bazinceku zikaNkulunkulu, ezinikela isikhathi sazo sonke ekubuseni. **7** Phanini abantu bonke okungokwabo: Nxa ungathelanga, thela imithelo, nxa kuyikuqoqwa kwemali, iqoqeni. Nxa kuyikwesaba, yesabani. Nxa kuyikuhlonipha, hloniphani; nxa kuyikudumisa, dumisani. **8** Lingayekeli umlandu ungahlawulwanga, ngaphandle kokuhubeka komlandu wokuthandana, ngoba lowo othanda umuntu wakibo usewugcwalisile umthetho. **9** Imilayo

ethi, “Ungafebi, Ungabulali, Ungebi, Ungahawukeli” kanye leminyane imilayo engabe ikhona ihlanganiswa ngumthetho lo othi: “Thanda umakhelwane wakho njengoba uzithanda.” **10** Uthando kalwenzi ngozi kumakhelwane. Ngakho uthando luyikugcwaliswa komthetho. **11** Njalo yenzani lokhu liqedisisa isikhathi sakhathezi. Isikhathi sesifikile ukuba livuke ebuthongweni benu, ngoba ukusindiswa kwethu khathezi sekuseduze kakhulu kulekuqaleni kwethu ukukholwa. **12** Ubusuku sebuzadlula; ukusa sekusondele. Ngakho kasilahleni imisebenzi yobumnyama sigqoke isivikelo sokukhanya. **13** Kasiziphatheni kuhle, njengasemini, hatshi emadilini okuminza lokudakwa, hatshi ekuhlobongeni lentokozo yobugazi, hatshi ngokuxabana langomona. **14** Kodwa zigqokiseni iNkosi uJesu Khristu, njalo lingacabangi ngokuthokozisa inkonzo yemvelo yenu yokona.

